UMANDULELI WEMVUSELELO

Vol. 65, No. 4

Umlayezo

Wezinsuku Zokugcina

Iviki lomkhuleko:

Zibandlela 6-15, 2024

KULOLUDABA

Umhleli

Umyalezo Wezinsuku Zokugcina ……..*4*

1. Umyalezo Okhethekile Ongcwele

Ngokulungiselela ngenkuthalo ukubuya kukaKristu nangokulithokozela ngentshiseko lelithemba, umyalezo ungaphila kithi……..12

2. Ngakho Shisekela Uphenduke

Ukuphenduka okunentshiseko kungukuphenduka okujulile emnyombweni wobuntu bethu phambi kukaNkulunkulu ongcwele, nolungile…….19

3. Ukuguqulwa

Ukuguquka kuwushintsho ezinhliziyweni zethu ngamandla othando lukaNkulunkulu….26

4. Ukuhlangulwa Kwezono

Isono kufanele sibe ngaphezu kokuthethelelwa-sidinga ukususwa….32

5. Izikhathi Zokuqabuleka

Imvula yamuva kufanele ithululwe ngokuchichima okukhulu phezu kwabantu abahlanjuliwe……38

6. Ukufika KukaJesu

Sinenhlanhla yokulungiselela-futhi nokusheshisa-Ithemba Elibusisekile……45

7. Umbuso Wenkazimulo

Manje kuyithuba lethu lokugxila eBukhosini baseZulwini ngokulangazela okukhulu ……51

Inkondlo

Umyalezo ozosakazwa……..32

UKUKHULEKELA AMANDLA

Ulwazi oluningi lukhona! Okuningi kwakhona akulungile; okunye kwakhona kuyiqiniso. Nokho, naphakathi kobubanzi kwalokho okuyiqiniso, yini ngempela edinga ukunaka kwethu okuzimisele kakhulu? Kuyini okumele sicabange ngakho? UMdali Wethu unomyalezo wethu ukuba siwazi nokwabelana ngawo kulezinsuku zokugcina-futhi Iviki Lomkhuleko lalonyaka linikeza ithuba eliphelele kithi lokuliqonda sindawonye. INkosi ibeyinhle kakhulu kithi onyakeni odlule. Sisaphila futhi sinamathuba ayigugu okuhlanganyela kulomsebenzi.

“Amatshe ayigugu eqiniso alele ngaphansi, ihora ngalinye lokuwahlolisisa lizokhokhelwa ngokugcwele. Gcina enqondweni izimiso zevangeli likaKristu; funa ngomzamo onzima ingcebo efihliwe yezwi likaNkulunkulu. Lonke izulu libhekile ukubona ukuthi umuntu uzokwenzani ngemithetho nezithembiso zikaJehova.”(*The Review and Herald,* Zibandlela 3, 1889.)

“Kukhona amaqiniso ayigugu atholakala ezwini likaNkulunkulu, kodwa ‘iqiniso lanamuhla’ yilona elidingwa ngumhlambi manje.”(*Early Writings,* p. 63.)

Lapho sifunda lezifundo ngokulandela isihloko esithi, *Umyalezo wezinsuku zokugcina*, ngenhloso yokuzwisisa iqiniso futhi siphile ngalomyalezo, ukholo lwethu lizovuzwa ngokunothile. Masabelane ngesibusiso esikhulu salezifundo sihlanganyela nabanye abahlala bodwa noma abasekhaya, futhi khumbulani izinsuku ezilandelayo:

Umkhuleko kanye nokuzila ukudla: ISabatha, Zibandlela 14

Umnikelo wamasimu: NgeSonto, Zibandlela 15

Sengathi iNkosi ingasabela ngomusa ekulangazeleleni okusuka enhliziyweni yabo bonke abafuna ubuqotho nokuphila lomyalezo futhi bamukele uMoya Wakhe Ongcwele emandleni emvula yamuva kuleViki Lomkhuleko!

UMYALEZO WEZINSUKU ZOKUGCINA

Zenzele isithombe ngalesehlakalo: UMoya Ongcwele uthululiwe phezu kwebandla lokuqala ngamandla amakhulu emvula yokuqala. UPeter noJohane basesangweni lethempeli, lapho, ngegama likaJesu waseNazaretha, uPeter wathi kwindoda eyisishosha mayisukume ihambe. Wayibamba ngesandla indoda yaqala ukuhamba, igxuma, imdumisa uNkulunkulu.

Lesehlakalo esimangalisayo, yebo, savusa umnyakazo phakathi kwabantu, kepha base bemazi ukuba nguyena owayehlalela ukuphiwa izipho. Manje uPeter wanikeza konke ukubonga kuNkulunkulu kaAbrahama, kaIsaka, noJakobe-futhi ebachazela ngaLowo Ongcwele, iNkosana yokuphila. Wembula ukuthi kungayiphi indlela ngegama likaJesu, indoda eyisishosha yathola amandla ngokukholwa Kuye. UPeter ngesibindi wamemezela iqiniso lokuthi bayiphikile iNkosi phambi kwabaphathi baseRoma bakhetha umbulali (uBarnabasi) ngaphezu kukaNkulunkulu Ogcotshiwe. Washo ukuthi bazethwese icala ngenxa yokungazi, kodwa waqhubeka ukwembula ukuthi ukuhlupheka kukaKristu kungukugcwaliseka kwesiprofetho.

Kodwa kuyini abangakwenza ngalokhu manje? Amazwi ayezwakala futhi:

“Ngalokhu phendukani niguquke ukuba kuhlangulwe izono zenu, ukuze kufike izikhathi zokuhlunyelelwa ezivela ebusweni beNkosi nokuba ithume uKristu Jesu enimmiselweyo, okumele izulu limamukele, kuze kube yizikhathi zokubuyiselwa kwakho konke uNkulunkulu akhuluma ngakho ngomlomo wabaprofethi bakhe abangcwele, kusukela kwaphakade” (Izenzo 3:19-21).

KUNGANI LOMYALEZO UNGOWEZINSUKU ZOKUGCINA?

Ingqikithi yenkulumo, lamazwi amenyezelwa masinyane emva kokwenyuka kukaKristu. Kodwa kukhona ukulandelana kwezehlakalo zamaKrestu kusukela ngalesosikhathi ukuya phambili:

1. Phendukani-manje
2. Niguquke-manje
3. Ukuze kuhlangulwe izono (kunamagama enu) zingahlangulwa.
4. Lapho? Esikhathini sokwahlulelwa kokuhlolisisa ngaphambi kokubuya kukaKristu, lapho izikhathi zokuhlunyelelwa-ngamandla oMoya Ongcwele wemvula yokugcina-izakuthululwa ngaphandle kwesilinganiso.

5. Ngalokho izulu lizakuthumela uJesu Kristu. Kungani kungasheshi? UJesu uzohlala ezigodlweni zezulu zize izimiso zonke zoMthetho Wakhe ziyabuyiselwe ezinhliziyweni zabantu-kunoma ngubani ozinikela entandweni Yakhe ngokumamukela Yena ngenhliziyo yonke, nangokuphelele.

“Ekuguqulweni kwesimo, uJesu wakhazimuliswa nguBaba Wakhe. Siyamuzwa ethi: ‘Kalokhu iNdodana yomuntu ikhazimulisiwe Kuyo.’ Ngaphambi kokukhaphelwa Kwakhe nokubethelwa waqiniswa ekuhluphekeni Kwakhe kokugcina okwesabekayo. Lapho amalunga omzimba kaKristu esondela empini yawo yokugcina, ‘isikhathi sohlupho lukaJakobe,’ bazokhulela kuKristu, futhi bazohlanganyela kakhulu emoyeni Wakhe. Lapho isimemezelo esikhulu, futhi njengoba ngamandla amakhulu nenkazimulo ebhekene nomsebenzi wokugcina, abantu abathembekile bakaNkulunkulu bazohlanganyela leyonkazimulo. Yimvula yamuva leyo ehlumelelisa futhi iqinise ukuba badlule esikhathi sohlupho. Ubuso babo buzokhazimula ngenkazimulo yalokukhanya okubhekene nengelosi yesithathu.” 1

Ingabe kuyisikhathi sokubuya kukaJesu? Yebo, ngempela! Singakulungela kanjani? Amanyathelo atholakala kwiZenzo 3:19-21 asobala. Masamukele ngokujulile lesigijimi sezinsuku zokugcina phakathi kweViki Lomkhuleko futhi ngokusebenzisa ngokuhlakanipha ezinhliziyweni zethu!

Okuphathelene

1. *Testimonies to the Church,* vol. 1, p. 353.

NGOLWESIHLANU, ZIBANDLELA 6, 2024

UMYALEZO OKHETHEKILE ONGCWELE

OKUKHISHWE EZINCWADINI ZIKA E. G. WHITE

UKULUNGISELELA UKUBUYA KUKAKRISTU

Bazalwane noDade abathandekayo,

Ingabe siyakholwa ngenhliziyo yonke ukuthi uKristu uyeza masinyane nokuthi manje sinomyalezo wokugcina womusa oke wanikezwa umhlaba onecala? Ingabe isibonelo sethu siyilokho okumele sibeyikho? Ingabe, ngezimpilo zethu nangezinkulumo ezingcwele, zibonisa labo abasizungezile ukuthi silindele ukubonakala okukhazimulayo kweNkosi yethu noMsindisi uJesu Kristu, ngubani ozoguqula lemizimba enyanyekayo ayenze ifane nomzimba Wakhe okhazimulayo? Ngiyesaba ukuthi asikholwa futhi asiqapheli lezinto njengoba kufanele. Labo abakholelwa kumaqiniso abalulekile esiwashoyo, kufanele asebenze ukholo lwabo. Kukhona ukufuna okukhulu ukuzijabulisa nezinto ezithathekisayo zalomhlaba; ingqondo iyekelwa ukuba igijime kakhulu phezu kwezambatho, futhi nolwimi luhlanganyela kaningi ezinkulumeni ezilula neziyize, lezo eziletha amanga kulokhu esikushoyo, ngoba izinkulumo zethu akuzona zasezulwini, lapho silindele uMsindisi.

Izingelosi ziyasibheka futhi ziyasilinda; kaningi siyazidabukisa lezingelosi ngokuzitika **ezindabeni** eziyize, ukuntela, nokwenza amahlaya, futhi nokwehlela phansi ngokunganaki, isimo esinobuthutha. Noma manje singenza umzamo wokunqoba futhi sikuthole, kodwa uma singakugcini, kodwa sehlele phansi kukho ukunganaki okufanayo, isimo sokungakhathali, singenakho ukubekezelela izilingo nokumelana nesitha, asibekezeleli ukuvivinywa kokholo lwethu oluyigugu kakhulu kunegolide. Asihlupheki ngenxa kaKristu, futhi sithokoze osizini.

Kukhona ukusilela okukhulu kokuqina koMkrestu nokukhonza uNkulunkulu ngokwezimiso. Akufanele sifune ukuthokozisa nokwenelisa umina, kodwa ukuhlonipha nokudumisa uNkulunkulu, kukho konke esikwenzayo nesikushoyo ukuba neso elilodwa enkazimulweni Yakhe. Uma singavumela izinhliziyo ukuba zincindezelwe amazwi abalulekile alandelayo, futhi siwagcine njalo engqondweni, masingaweli kalula esilingweni namazwi ethu azoba mbalwa futhi akhetheke: “Yebo, yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, yachotshozwa ngobubi bethu; isijeziso sasiphezu kwayo ukuba sibe nokuthula, nangemivimbo yayo siphilisiwe thina.” “Wonke amazwi ayize abantu abawakhulumayo, bazophendula ngawo ngosuku lokwahlulela.” “Kungalendlela uNkulunkulu angibona ngayo.”

Angeke sacabange ngalamazwi abalulekile, sigcine engqondweni ukuhlupheka kukaJesu ukuthi thina zoni ezimpofu zingathola ukuthethelelwa futhi sihlengelwe uNkulunkulu ngegazi Lakhe eliyigugu, ngaphandle kokuba nomuzwa wokunqabela okungcwele phezu kwethu nesifiso esiqotho sokuhluphekela Yena lowo owahlupheka futhi wabekezela kakhulu enzela thina. Uma sihlala kulezozinto, umina othandekayo, ngesithunzi

sawo, uzothotshiswa, nasendaweni yawo kuzohlala ubulula bobuntwana obuzothwala ukusolwa okuvela kwabanye futhi angacunuki kalula. Umoya ozifisayo angeke uze ukubusa umphefumulo. 1

UKUTHOKOZELA ITHUBA LETHU

Njengoba ngibona ukuthi kungakanani okwenzelwe thina ukusigcina silungile, ngiholelwa ukuba ngibabaze, Maye, uthando olungaka, uthando olumangalisayo, iNdodana kaNkulunkulu enalo ngathi zoni ezimpofu! Singaba yizithutha futhi singanaki lapho konke kwenziwe ngensindiso yethu lokhu okungenziwa. Kufanele siphile futhi siphaphame ekuhlonipheni, nokudumisa, nokuthanda Lowo ophakeme nodephile. Izinhliziyo zethu kufanele zithululele ngaphandle uthando nokubonga Kuye ogcwele uthando nozwelo kithi. Ngezimpilo zethu kufanele simhloniphe Yena, nangamazwi ahlanzekile nangcwele sibonise ukuthi singabozalo lwaphezulu, nokuthi lomhlaba awulona ikhaya lethu, kodwa ukuthi siyizihambi nabafokazi lapha, ukuya ezweni elingcono.

“Abaningi abavuma igama likaKristu futhi besho ukuthi balindele ukubuya Kwakhe masinyane, abazi ukuthi kusho ukuthini ukuhlupheka ngenxa kaKristu. Izinhliziyo zabo azithambiswa ngomusa, futhi umina akafanga, njengoba ubonakala kaningi ngezindlela ezahlukene. Ngaleso sikhathi bakhuluma njengabantu abanezilingo. Kodwa isizathu esikhulu sezilingo zabo ukuthi izinhliziyo zabo azithambiswanga, okwenza umina azwele kakhulu nokuthi kaningi uyaphambaniswa. Uma lowomuntu engabona ukuthi kuyini ukuba ngumlandeli kaKristu othobekile, uMkrestu weqiniso, uzoqala ukusebenza kahle nangobuqotho aqale kahle. Kufanele umina afe kuqala, futhi akhuleke manje, ahlole konke okufiswa inhliziyo. Nikela ukuzethemba kwakho nokuphelela, bazalwane, landelani uMfanekiso othobekile. Gcina njalo uJesu engqondweni yakho ukuthi uyisibonelo sakho futhi uhambe emanyathelweni Akhe. Ubhekile kuJesu, umqalisi nomphelelisi wokukholwa kwakho, owathi esikhundleni sentokozo ayibekelweyo wathwala isiphambano, engalinaki ihlazo. Wabekezelela ukwenqatshwa yizoni ezimelene Naye. Yena ngenxa yezono zethu wayengothobekile, imvu ehlatshiwe, walinyazwa, wacindezelwa, wachotshozwa, washaywa, futhi wahlupheka. 2

UKUPHILA NGAPHANSI KWELUNGELO LETHU

Sikude kakhulu ukuba sibe ngabantu bakaNkulunkulu athanda ukuba sibeyibo, ngoba asiphakamisi umphefumulo sihlanze isimilo ukuba sivumelane nezambulo ezimangalisayo zeqiniso likaNkulunkulu nangenhloso Yakhe. “Ukulunga kuyaphakamisa isizwe, kepha ukona kuyihlazo kubantu’ (Izaga 14:34). Isono senza izinto zingahambi kahle. Noma kuphi lapho sithokozelwa khona-enhliziyweni yomuntu ngamunye, ekhaya, ebandleni-kukhona isiyaluyalu, ukuxabana, ukungezwani, ubutha, umona, ngoba isitha somuntu kanye noNkulunkulu sinamandla okulawula phezu kwezingqondo. Kodwa iqiniso malithandwe futhi lilethwe ekuphileni, kanye nokukhulunyelwa, ukuthi lowo wesilisa noma owesifazane asizonde isono futhi abe ngummeli ophilayo kaJesu Kristu emhlabeni.

Abantu abazishoyo ukuthi bakholwa yiqiniso angeke balahlwe ngoba bengenakho ukukhanya, kodwa ngoba banokukhanya okukhulu kodwa abazange balethanga izinhliziyo zabo ekuvivinyweni kwesilinganiso sikaNkulunkulu sokulunga okukhulu kokuziphatha. Abantu abazishoyo ukuthi bakholwa yiqiniso kufanele baphakanyiswe ngokuliphila. Inkolo

yeBhayibheli yangempela kufanele ibe yimvubelo ekuphileni, icwenge futhi isenze sibe nobuntu obuhle, isenze sifane nesibonelo saphezulu. Kanjalo ikhaya lizozwakalisa umkhuleko, ngokuletha ukubonga nokudumisa uNkulunkulu. Izingelosi zizokhonza endlini futhi zihlanganyele nezikhonzi endlini yomkhuleko.

Labo abafundisa iqiniso mabaliveze njengoba linjalo kuJesu. Ngaphansi komfutho wokuthobisa, ohlanzayo, okucwebile kweqiniso likaNkulunkulu bafana nezitsha ezihlanzekile. Mababe yimvubelo yenkolo yeBhayibheli, futhi umfutho onjani ozohamba phambili usuka kubo uya emhlabeni! Makuthi ilunga ngalinye lebandla lihlanzeke, liqine, lingashukunyiswa, lihlale livame uthando lukaJesu, kanjalo bazoba ukukhanya emhlabeni. Labo abemi njengebalindi nabelusi bomhlambi mabamemezele iqiniso elizothile, bazwakalise amanothi esixwayiso ebantwini bonke, izizwe, nezilimi. Mababe ngabammeli abaphilayo beqiniso abaliphakamisayo, bahloniphe umthetho kaNkulunkulu ngokuqina nangokulalela okungcwele izimfuno zalo, bahambe phambi kweNkosi ngokuhlanzeka, ngobungcwele, futhi amandla azohlangana nokumenyezelwa kweqiniso elibonisa ukukhanya yonke indawo.

UKUDABUKISA UMOYA KANKULUNKULU

UNkulunkulu akaze abadele abantu noma umuntu ngamunye ngaphandle kokuthi bona baMdele. Ukuphikisana kwangaphandle angeke kwabangela ukholo lwabantu bakaNkulunkulu, abagcina imithetho Yakhe, ukuba lufiphale. Ukunganaki ukuletha ubumsulwa neqiniso emsebenzini kuzodabukisa umoya kaNkulunkulu kubenze babe buthakathaka ngoba uNkulunkulu engekho phakathi kwabo ukuba ababusise. Ukonakala kwangaphakathi kuzoletha ukusola kukaNkulunkulu phezu kwalabantu njengoba kwenzeka phezu kweJerusalema. Maye, makuthi amazwi ancengayo, imikhuleko eqotho izwakale, ukutze labo abashumayeza abanye bangalahlwa bona uqobo. Bazalwane bami, asikwazi okungaphambi kwethu, futhi ukuphepha kwethu kuphela ukulandela ukuKhanya komhlaba. UNkulunkulu uzosebenza nathi futhi nangathi uma izono ezaletha intukuthelo Yakhe phezu komhlaba omdala, phezu kweSodoma neGomora naphezu kweJerusalema yasendulo, makungabi yicala lethu.

Ukuphambuka okuncane emthethweni kaNkulunkulu kuletha icala phezu kwalowo owonayo, futhi ngaphandle kokuphenduka ngeqiniso nokudela isono ngempela uzoba ngumhlubuki….Makuthi njengabantu, ngokungenzeka, sihlanze ikamu lokugcola kokuziphatha nezono ezinyanyekayo. Lapho isono sihlasela abantu abathi baphakamisa isilinganiso sokuziphatha ngokulunga, singalindela kanjani uNkulunkulu ukuguqula amandla Akhe ngenxa yethu ukusisindisa njengabantu abenze ukulunga? …uma njengabantu singazigcini ekukholweni futhi singaphakamisi kuphela ngosiba nangezwi imithetho kaNkulunkulu, kodwa siyigcine yonke, singephuli nesisodwa sesimiso ngabomu, kanjalo ubuthakathaka nokonakala kuzoza phezu kwethu. Ngumsebenzi lowo okumele siwenze kuwo wonke amabandla ethu. Umuntu ngamunye kufanele abe nguMkrestu.

UKUSUSA ISONO

Makuthi isono nokuziqhenya kususwe, makuthi konke okungasafunwa maqondana nokwembatha kunqotshwe, futhi ukuphendukela kuNkulunkulu makwenziwe ngenxa yokuphanga okuphakeme kuye ngokugodla imali okufanele ingene endaweni yengcebo ukuze isekele umsebenzi kaNkulunkulu kumasimu awo. Umsebenzi wemvuselelo, wokuphenduka ngeqiniso, mawubekwe phambili futhi ugcizelelwe phezu kwabantu. Imisebenzi yethu,

ukuziphatha kwethu, mawuvumelane nomsebenzi wanamuhla, ukuze sithi, “Ngilandeleni mina njengoba ngilandela uKristu.” Masithobise imiphefumulo yethu phambi kukaNkulunkulu ngokuthotshiswa, ngokuzila ukudla nokukhuleka, nokuzisola ngenxa yesono futhi sisisuse.

Izwi lomlindi weqiniso manje kumele lizwakale phezu komugqa, “Kuyeza ukusa, kepha kusese busuku” (Isaya 21:12). Icilongo kumele linikeze umsindo othile ngoba sisosukwini olukhulu lokulungiselela iNkosi….Kukhona izimfundiso eziningi namuhla emhlabeni. Kukhona izinkolo eziningi namuhla ezibala izinkulungwane zazo nezinkulungwane ezilishumi, kodwa kukhona eyodwa ethwele amazwi angenhla kanye nesigxivizo sikaNkulunkulu. Kukhona inkolo yomuntu nenkolo kaNkulunkulu. Kufanele imiphefumulo yethu ihlanganiswe neDwala eliphakade. Yonke into emhlabeni kaNkulunkulu, abantu nezimfundiso kanye nemvelo ngokwayo, zigcwalisa izwi likaNkulunkulu eliqinisekile lesiprofetho futhi zifeza umsebenzi Wakhe omkhulu nowokugcina kulembali yalomhlaba.

Kufanele silungele futhi silindele izwi likaNkulunkulu. Izizwe zizonyakaziswa phakathi kwazo. Usizo luzosuswa kulabo abamemezela isilinganiso sokulunga sikaNkulunkulu kuphela, isilingo kuphela esiqinisekile sesimilo. Nabobonke abangasoze bathobela isimemezelo sekomiti yezizwe ukulalela imithetho yelizwe nokuphakamisa isabatha elamiswa ngumuntu wesono. Ukuthi kunganakwa usuku olungcwele lukaNkulunkulu, bazozwa, hayi amandla encindezelo yompapa kuphela kodwa omhlaba wobuProtestanti, ongumfanekiso wesilo.

USathane uzokwenza izimangaliso zakhe ukukhohlisa; uzomisa amandla akhe njengaphakeme. Ibandla lizobonakala sengathi liyawa, kodwa aliwi. Liyahlala, lapho izoni eSiyoni zizothintithelwa ngaphandle-amakhoba ehlukaniswa namabele amahle. Lokhu ukuhlolwa okwesabekayo, noma kunjalo kumele kwenzeke. Kuphela labo abathe banqoba ngegazi leWundlu nangezwi lobufakazi babo bazotholakala bethembekile nabaneqiniso, bengenabala nasici, nasono, nasemlonyeni wabo akufunyaniswanga amanga. Kufanele silahle ukulunga kwethu futhi sembathiswe ukulunga kukaKristu. 3

Ngaboniswa ukuthi uma abantu bakaNkulunku bengenzi imizamo ohlangothini lwabo, kodwa balindele ukuhlunyelelwa kuze phezu kwabo kususe iziphambeko zabo futhi kulungise amaphutha abo; beyame phezu kwakho ukuba ubahlanze ekungcoleni kwenyama nomoya; futhi kubalungisele ukuhlanganyela kwisimemezelo esikhulu sengelosi yesithathu, bazotholakala belula. Ukuhlunyelelwa noma amandla kaNkulunkulu eza kuphela kulabo abathe bazilungisela wona ngokwenza umsebenzi uNkulunkulu abamemela wona, ngokuthi, bazihlambulule ekungcoleni konke kwenyama nomoya, bephelelisa ubungcwele ngokumesaba uNkulunkulu. 4

UKWEMBATHISWA UKULUNGA KUKA-KRISTU

“Insali ehlanza imiphefumulo yawo ngokulalela iqiniso ibuthela amandla kwingqubo evivinyayo, ibonise ubuhle bobungcwele phakathi kokuhlubuka okuyizungezile. Konke lokhu, Esho, “Bheka, ezandleni zami ngikubhalile” (Isaya 49:16)”. Bagciniwe ingunaphakade, inkumbulo engenakonakala. Sifuna manje ukukholwa, ukuphila ngokukholwa. Sifuna ukuba nobufakazi obuphilayo okufanele bunqamule inhliziyo yesoni. Kukhona izintshumayelo eziningi kanye nokukhonza okuncane kakhulu. Sifuna amafutha angcwele. Sidinga umoya nokushisekela iqiniso. Abafundisi abaningi inxenye ikhubazekile ngenxa yobuthakathaka besimilo sabo. Badinga amandla aguqulayo kaNkulunkulu.

Lokhu okwakufunwa nguNkulunkulu kuAdamu ngaphambi kokuwa kwakhe ukulalela ngokuphelele umthetho Wakhe. UNkulunkulu ufuna manje lokhu ayekufuna kuAdamu, ukulalela okuphelele, ukulunga okungenasici, ngaphandle kokusilela emehlweni Akhe.

UNkulunkulu uyasisiza ukuba sinikela konke okufunwa ngumthetho Wakhe. Asikwazi ukwenza lokhu ngaphandle kwalolo kholo oluletha ukulunga kukaKristu ekusebenzeni kwansuku zonke.

Bazalwane abathandekayo, iNkosi iyabuya. Phakamisani imicabango yenu namakhanda nithokoze. Maye, singacabanga ukuthi labo abezwa izindaba ezinhle, abathi bathanda uJesu, bangagcwaliswa ngentokozo engenakuguqulwa negcwele inkazimulo. Lokhu kuhle, izindaba ezinhle okufanele zikhanyise yonke imiphefumulo, okufanele ziphindaphindwe emakhaya ethu futhi zitshelwe labo esihlangana nabo emigwaqeni. Yiziphi izindaba ezijabulisayo ezingadluliswa. Ukuphika nempikiswano nabakholwayo noma abangakholwa akuwona umsebenzi uNkulunkulu asinike wona ukuba siwenze.

Uma uKristu enguMsindisi wami, umhlatshelo wami, umhlengi wami, angisoze ngabhubha. Ngokukholwa Kuye, nginokuphila okuphakade. Maye, kwangathi bonke abakholwa yiqiniso bangakholwa kuJesu njengoMsindisi wabo. Angikhulumi ngokholo olushibhile olungasekelwanga ngemisebenzi, kodwa ukholo oluqotho, oluphilayo, olungaguquki, oluhlala njalo, oludla inyama noluphuza igazi leNdodana kaNkulunkulu. Angifuni ukuxolelwa kuphela ngesiphambeko somthetho ongcwele kaNkulunkulu, kodwa ngifuna ukwenyuselwa ekukhanyeni kwelanga lobuso bukaNkulunkulu. Kungesikho ukwamukelwa ezulwini, kodwa ukuba ngingene ngokuchichimayo.

INSINDISO UKUHLANGANISWA NO-KRISTU

Singabantu abangenagqondo yini njengabantu abakhethekile, isizwe esingcwele, othandweni olungenakuchazwa uNkulunkulu alubonakalise kithi? Insindiso akufanele ibhapathizwe, hayi ukuba amagama ethu abhalwe ezincwadini zebandla, hayi ukushumayela iqiniso. Kodwa kungubunye obuphilayo noJesu Kristu, ukwenziwa busha enhliziyweni, ukwenza imisebenzi kaKristu ekukholweni nasekukhandlekeni kothando, ngokubekezela, nobumnene, nangethemba. Wonke umphefumulo ohlanganiswe noKristu uzoba isithunywa sevangeli esiphilayo kubo bonke abamzungezile. Uzosebenzela labo abaseduze nalabo abakude. Akasoze abe nomuzwa wokukhetha, kungabi intakazelelo yokwakha igatsha elilodwa lomsebenzi kulowo awengamele futhi lapho avumele intshiseko iphelele lapho. Wonke uzosebenza ngentakazelelo yokuqinisa wonke amagatsha. Angeke kwabakhona ukuzithanda, ubugovu. Indlela yinye, iqiniso eliphelele.

Kwangathi umbuzo ungabuzwa ngobuqotho, ngenhliziyo ekhathazekile, “Ingabe umona uyathandeka, umhawu uyavunyelwa ukuba uthole indawo enhliziyweni yami?” Uma kunjalo, uKristu akekho. Ngiyawuthanda umthetho kaNkulunkulu, uthando lukaJesu Kristu lusenhliziyweni yami? Uma sithandana njengalokhu uKristu asithandile kanjalo silungele izulu lokuthula nokuphumula. Akukho ukuzabalazela ukuba ngowokuqala, ukuba ngophakeme, bonke bazothanda umakhelwane wabo njengoba bezithanda bona. Maye, ukuthi uNkulunkulu angavula ukuqonda futhi akhulume ezinhliziyweni zamabandla ethu ukuvusa amalunga ngamanye….

Labo abanethezekile eSiyoni kufanele bavuswe. Kukhulu ukuziphendulela kwalabo abathwele iqiniso kodwa bengenabo ubunzima noma umthwalo ngenxa yemiphefumulo. Maye, kwabesilisa nabesifazane abafakazela iqiniso ukuba bavuke, bathabathe ijoka likaKristu, ukuphakamisa imithwalo Yakhe. Kudingeka labo abangeke babe nentakazelelo evamile kodwa intakazelelo efana nekaKristu, abangazicabangeli-ukushisekela okukhulu okungeke kubonakale ngaphansi kobunzima noma kuphole ngoba ububi buvamile….

Simi emngceleni ngempela welizwe elingunaphakade. AmaKrestu asesimweni esihle awafuneki kulomsebenzi. Inkolo enozwelo futhi enambithekayo ayidingeki ngalesikhathi. Kufanele kube nomfutho olethwa okholweni lwethu nasekumemezeleni iqiniso. Ngiyakutshela, impilo entsha iphuma kwizithunywa zikaSathane ukuze isebenze ngamandla esingawaboni kuze kube manje. Futhi angeke amandla amasha avela phezulu athathe abantu bakaNkulunkulu. Kufanele kubekhona ukuzinikela okuqotho okunikelwayo kuNkulunkulu, umkhuleko wosizi Kuye, ukuthi ithemba lethu njengabantu lingasekelwa kumcabango, kodwa kwizinto ngempela zaphakade. Kufanele sizazele ngokwethu, ngobufakazi beZwi likaNkulunkulu, ukuthi ingabe sisekukholweni yini, sisendleni eya ezulwini noma cha. Isilinganiso sokuziphatha kwesimilo ngumthetho kaNkulunkulu. Ingabe sihlangabezana nezimfuno zawo? Ingabe abantu beNkosi baletha impahla yabo, isikhathi sabo, amathalenta abo, nemifutho yabo emsebenzini wanamuhla? Masivuke. “Ngakho uma navuswa kanye noKristu, funani okwaphezulu, lapho ekhona uKristu, ehlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu” (Kolose 3:1). 5

Okuphathelene

1. *Early Writings,* pp. 111, 112.
2. Ibid., pp. 113, 114.
3. *Selected Messages,* bk. 2, pp. 377-380.
4. *Testimonies for the Church,* vol. 1, p. 619.
5. *Selected Messages,* bk. 2, pp. 380-382.

NGESABATHA, ZIBANDLELA 7, 2024

NGAKHO SHISEKELA UPHENDUKE

NGU DANIEL LEE-U.S.A.

UBUNJALO BOKUPHENDUKA KWEQINISO

Umbuzo wokuqala okumele uphendulwe yilona, kuyini ukuphenduka kweqiniso? Owesibili, kuyini abantu asebevele beyigcina imithetho kaNkulunkulu, kuhlanganisa neSabatha futhi baphile izimpilo ezingenasici maqondana nokuziphatha okuhle, mhlawumbe bangaphenduka kukho?

Ukukholwa kuNkulunkulu nesithelo sokuphenduka esonweni ziyimvelo yomphumela futhi ozenzakalelayo wokuhlanganyela noNkulunkulu. Isambulo sobuhle nokulunga kukaNkulunkulu, ukuthola uwedwa ngokuxhumana Naye okusebenzayo yikhona okuholela ekuphendukeni (Roma 2:4). Ngaphandle kwenhlanganyelo, akukho ukuphenduka kweqiniso. Lapho umphefumulo ukhuluma kakhulu noNkulunkulu, ujwayelana Naye, kunamandla ukuqiniseka ngesono futhi kujula nakakhulu ukuphenduka.

“Lapho sisondela kuJesu, futhi sibona ngokukhanya okwengeziwe ukuhlukanisa ubumsulwa besimilo Sakhe, yilapho sizobona ngokukhanya okwengeziwe ububi besono, futhi kancane kancane umuzwa wokuziphakamisa uzoncipha. Kuzobakhona ukuvuma izono njalo okuletha umphefumulo kuNkulunkulu, siqhubeke, ngobuqotho, okudabukisa inhliziyo kanye nokuzithoba kwenhliziyo phambi Kwakhe. Kuwo wonke amanyathelo aqhubekela phambili ekuphileni kwethu kobuKrestu ukuphenduka kwethu kuzojula.” 1

Ngo-Enoki kuthiwa, “lapho esondelana noNkulunkulu, umuzwa wobuthakathaka nokungapheleli kwakhe kwajula.” 2

Ukuphenduka angeke kukhiqizwe ngokungesikho. Akudalwa ngomshini; akukwazi ukukhiqizwa njengezinye izinkanuko zemizwa yomuntu. Kungenxa yoMoya Ongcwele oshaya inhliziyo yomuntu, uyincibilikise futhi uyinqobe ngaphansi kwamandla aqinile okulahla. Kanjalo ukuphenduka kweqiniso kuyenzeka. Ukudabukela isono nokuphenduka kuyizithunywa zomuntu ezisabela ngokwemvelo ukusebenza okuzenzakalelayo ekusebenzeni komoya ukugcizelela njalo engqondweni ubuhle besimilo sikaNkulunkulu kuKristu Jesu. Njengoba okholwayo ebheka kuJesu futhi avule inhliziyo yakhe Kuye njengomngane ekuhlanganyeleni okungcwele, konke ukuzenzisa nobuhle obucatshangelwayo kuyasuswa futhi ubunqunu bomphefumulo bembulwa obala. Ngakho-ke umphefumulo wakhe ngokwemvelo ukhothama ngokuzisola, ngokuzithoba nokudabuka.

“Umsebe owodwa wenkazimulo kaNkulunkulu, ukumenyezela okukodwa kobumsulwa bukaKristu, kungena emphefumulweni, kwenze konke ukungcola kucace kabuhlungu, futhi kuveze obala ukukhubazazeka namaphutha esimilweni somuntu. Kwenze kubesobala izifiso ezingcwele, ukungathembeki kwenhliziyo, ukungcola kwezindebe zomlomo. Izenzo zezoni zokungathembeki ngokwenza ize umthetho kaNkulunkulu, zivezwa emehlweni, futhi umoya wakhe uyashaywa futhi uhlushwe ngaphansi komfutho ohlolayo womoya kaNkulunkulu. Uzihlanganisa naye njengoba ebona ubumsulwa, besimilo sikaKristu.” 3

UKUPHENDUKA KUKA-ISAYA - ISIBONELO SEBANDLA LIKANKULUNKULU LESIKHATHI SOKUPHELA

Lapho umprofethi uIsaya ebheka inkazimulo kaNkulunkulu ethempeleni, washaywa futhi waphela amandla ngomuzwa wobuthakathaka besimilo sakhe kanye nokungapheleli kwakhe. Ukukhala komprofethi nokuphelelwa ithemba kwaba ukuthi, “Maye kimi! Ngokuba ngiphephile, lokhu ngingumuntu ozindebe zakhe zingcolile, futhi ngihlezi phakathi kwabantu abazindebe zabo zingcolile, ngokuba amehlo ami abonile iNkosi uJehova Sebawothi” (Isaya 6:5). Ngaphambi kokuba abe nokuhlangana uqobo noNkulunkulu endaweni engcwele, washukumiseka ukuba akhuze abanye. Ngalamagama alandelayo aqinile, waveza izono zabanye: “Maye komubi! Kuyakuba kubi kuye, ngokuba uyakubuyiselwa izenzo zezandla zakhe.” (Isaya 3:11). “Wo-kubona abasho okubi ukuthi kungokuhle, nokuhle ukuthi kungububi, ababeka ubumnyama bube ngukukhanya, nokukhanya kube-ngubumnyama, babeke nokubabayo! Wo-kubona abahlakaniphile emehlweni abo nabaqondile ekuboneni kwabo! Wo-kubona abangamaqhawe ngokuphuza iwayini namadoda anamandla ngokuxubanisa uphuzo olunamandla” (Isaya 5:20-22).

Lapho umprofethi eshukunyiselwa ukuba alahle ububi obabumzungezile ekushisekeleni kwakhe uNkulunkulu, ngempela wayelahlwe yicala lokuba nesono kwakhe kuleso sigaba sokuhamba kwakhe okungokomoya. Kwaze kwaba yilapho lokhu kuhlangana okumangalisayo noNkulunkulu ethempeleni yilapho umprofethi eqonda okuthile ngempilo yakhe eyisono ehlukile ngokuphelele nenkazimulo kaNkulunkulu, okwakugxiliswe ngokusobala kangaka engqondweni nasenhliziyweni yakhe. Ngenxa yalokho kuhlangana okungasoze kwalibaleka, maye kinina, waphenduka waba ngu-maye kimina….”

“UIsaya wasola izono zabanye; kodwa manje uzibona ngokwakhe embuleka ekulahlweni okufanayo lokho akumemezele phezu kwabo. Uthe waneliseka ngokubanda, inkonzo efileyo yokukhonza uNkulunkulu. Akakwazanga lokhu waze wanikezwa umbono weNkosi. Manje kwaba kuncane kangakanani ukubonakala kwenhlakanipho yakhe namathalenta lapho ebhekana nobungcwele nobukhosi betabanakeli. Ubengafaneleki kangakanani! Ubengawulungele kanjani umsebenzi ongcwele! Ukuzibona kwakhe kufanele kucindezelwe ngamazwi ompostoli uPawule, ‘Wo! Mina muntu wosizi, ngubani oyakungikhulula kulomzimba wokufa-na?’ ” 4

Insali yebandla likaNkulunkulu namuhla, kuyilapho into ehlonishwa kakhulu nguNkulunkulu, ibhekwa, njengobumpumputhe maqondana nesimo salo ngempela sesimoya, njengoba umprofethi uIsaya wayenjalo, ngaphambi kokuba ahlangane noNkulunkulu ethempeleni. Isikhundla sakhe esiphakeme esifana njengendawo yokugcina amaqiniso angcwele kanye nokuziphatha kwayo okungasoleki kuye, ngeshwa kwaveza kuye umphumela ongathandeki wokucabanga ukuthi isesimweni esingcono kunaleso ekuso ngempela. Ukulinganisa kwayo isimo sesimoya kuhluke kakhulu kulokhu uFakazi oThembekile noweQiniso, uthi, Kawazi ukuthi ungolusizi, nowokuhawukelwa, nompofu, nohambaze” (Isambulo 3:17). Ngempela ngokungazi isimo sayo seqiniso, ngesibindi uthi, “Ngicebile ngifuyile angidingi lutho, (Isambulo 3:17). Uma abantu bakaNkulunkulu bebhuquza kulokunqoba, nokuba nesimo sokuzincoma kumcabango wobuhle, uMoya Ongcwele awusoze wasilahla ngecala. Angeke kwabakhona ukudabuka kwenhliziyo ngokuphenduka kweqiniso nokuvuma isono, futhi akukho ukuxhumana noNkulunkulu ngaphandle kokuthi isimo esilimazayo sengqondo siyasuswa ngempela futhi sidelwe.

AbaBhali abaFarisi esikhathini sikaJesu babeziqhenya ngokuzilungisa okungokwabo. UJohane uMbhaphathizi uyabiza “Phendukani, ngokuba umbuso wezulu usondele”

(Mathewu 3:2). Akwenzanga umehluko kubo. Ubizo lokuba baphenduke lwalungathandeki. Bephuphuthekiswe imizwa yokukhula ngokwesimoya ngenxa yokusondelana kwabo noAbrahama nenqwaba yezinguquko ezigxile emsebenzini wabo, ukwenza kwabo okuqinile, abazizwa bemdinga uMsindisi, bengenasidingo sokuzithoba futhi bavume izono zabo, futhi ngokuqinisekile asikho isidingo sokuphenduka. UJesu uchaza labafundi bezenkolo besikhathi Sakhe ababezikhohlisa ngokuthi"….Ngokuba nifanana namaliba acakiweyo abonakala emahle ngaphandle, kanti ngaphakathi agcwele amathambo abafileyo nokungcola konke" (Mathewu 23:27). Laba bathe baphamambanisa ukuvumelana kwangaphandle nemithetho nezimiso kanye nokulunga okuvela ngokwemvelo enhliziyweni. Abazi lutho ngobumnene nokuthobeka kwenhliziyo okutholakala kuphela esikoleni sikaKristu, abangakufunda ngokuhlanganyela kuphela njalo Naye.

Ubizo olitholaka kulomyalezo obhekiswe ebandleni laseLawodekiya, "Ngakho-ke shisekela uphenduke" (Isambulo 3:19), njengoba lumi ngendlela engathandeki, nokho ilunga ngalinye lebandla namuhla kufanele liluthathele phezulu. Siphila esikhathini seLawodekiya. Ngakho-ke lobizo lokuphenduka lingumsebenzi okhona manje. Uma wehluleka ukulalela lobizo umphumela ukuhlanzwa uphume emlonyeni kaKristu, nesenzo sokulahlwa ngokuphelele. Ukuzehlisa, ukuzidela, nokuzinikela, njengalokho umprofethi uIsaya abhekana nakho ethempeleni ngesikhathi lapho ebheka inkazimulo kaNkulunkulu, kuzobonakala ezimpilweni zalabo abalalela ubizo lokuphenduka. Akekho ngaphandle kwalabo okuthi, ngokholo, bahlangana noNkulunkulu endlini engcwele njengoba kwenza uIsaya, abazoba nelungelo lokwazi okuthile ngobuhle bukaNkulunkulu okuzobaholela ekuphendukeni (Roma 2:4).

"Umbono owanikezwa uIsaya ufanekisa isimo sabantu bakaNkulunkulu ezinsukwini zokugcina. Banelungelo lokubona ngokukholwa umsebenzi oqhubekela phambili kwitabanakeli lasezulwini. 'Kwase kuvulwa ithempeli elisezulwini, kwabonakala umphongolo wesivumelwano Sakhe.' Njengoba bebheka ngokukholwa endaweni engcwele ngcwele, babone umsebenzi owenziwa nguKristu kwitabanakeli lasezulwini, bazobona ukuthi bangabantu abazindebe zabo zingcolile, -abantu izindebe zabo kaningi ezikhuluma okuyize, namathaleta abo awazange angcweliswe futhi asetshenziselwe udumo lukaNkulunkulu. Bangaphelelwa ithemba uma belinganisa ubuthakathaka babo nokungafaneleki nokuhlanzeka nobuhle besimilo esikhazimulayo sikaKristu. Kodwa uma bona, njengo-Isaya, bazokwamukela umuzwa iNkosi ewenzile uzosebenza phezu kwenhliziyo, uma bethobisa imiphefumulo yabo phambi kukaNkulunkulu, likhona ithemba ngabo. Umnsalo wesithembiso uphezu kwesihlalo sobukhosi, futhi umsebenzi owenziwa kuIsaya uzokwenziwa kuzo. UNkulunkulu uzosabela isicelo esivela enhliziyweni edabukile." 5

USUKU LOKUBUYISANA LUYAFANEKISWA

"Umbono kaIsaya ebona uNkulunkulu ethempelini uyisibonelo samava abantu bakaNkulunkulu ezinsukwini zokugcona. Ngokukholwa, bazoba nelungelo lokulandela uJesu endaweni engcwele ngcwele." Njengoba benobudlelwane Naye bezindla ngomsebenzi Wakhe wokugcina etabanakeleni, bazoholelwa ekuqondeni okuthile ngothando Lwakhe olukhulu lokuhlangula izono zabo ingunaphakade emkhumbulweni nasezincwadini zezulu; bazobona ngokukhanya okukhulu ezinhliziyweni zabo ubukhulu bokungcola kwenhliziyo yabo nokonakala kwezimilo zabo kuphawulwa ngomehluko wokuhlanzeka kukaKristu. Umphumela walokho, ukuphenduka kwabo kuzojula kakhulu. Bazobubula futhi bakhale futhi balile,

phakathi kompheme ne-altare, bazothobisa imiphefumulo yabo futhi bacele ngobuqotho ukuhlanzeka kwenhliziyo.

Bonke badinga ukuba bahlakaniphe maqondana nomsebenzi wokubuyisana, lowo oqhubekayo kwitabanakeli elingapezulu. Uma leqiniso elikhulu libonwa futhi liqondwa, labo abalamukelayo bazosebenza ngokuvumelana noKristu ukulungisela abantu ukuba beme ngosuku olukhulu lukaNkulunkulu, futhi imizamo yabo izophumelela. Ngokufunda, ukuzindla, nokukhuleka kwabantu bakaNkulunkulu kuzophakanyiselwa ngaphezulu kwezinto ezivamile, imicabango yelizwe nemizwa, bazolethwa ekuvumelaneni noKristu nomsebenzi Wakhe omkhulu wokuhlanza itabanakeli ngaphezulu izono zabantu. Ukholo lwabo luzonyukela Naye etabanakeleni, nezikhonzi emhlabeni zizohlolwa ngokucophelela ngokuqhathaniswa futhi izimilo zabo ngesilinganiso esikhulu sokulunga. Bazobona izici zabo." 6

IZINGA ELIGCWELE LEZONO ZOMUNTU OKUFANELE ZIDALULWE FUTHI KUPHENDUKE KUZO

Okholwayo ophenduke ngempela akanawo umcabango wobukhulu besono sokuphila kwakhe. Akakwazi ukubona ngengqondo yakhe ubukhulu becala leziphambeko nezono zakhe. Ngakho-ke noma ngaluphi usuku, ukuphenduka kwakhe akujuli ngokwanele. Akazi ukuthi kufanele aphenduke kokuphi! Akaqondi ukuthi unecala elikhulu lomthetho kaNkulunkulu kunalokho aphenduka kukho avume izono nsuku zonke. Izincwadi zemibiko etabanakeleni zigcwele izono eziningi eziyizibonelo okufanele kuphendukwe kuzo futhi zivunywe nsuku zonke.

"Umsebenzi womuntu ngamunye udlula ngokuhlolwa phambi kukaNkulunkulu futhi ubhalwa ngokuthembeka noma ukungathembeki. Ngaphambi kwegama lakhe ezincwadini zezulu kubhalwa ngokunakekela okukhulu konke ukuphambuka ngamazwi, zonke izenzo ubugovu, wonke umsebenzi wokungathembeki, nazozonke izono ezisithakele, nakho konke ukuzenzisa kobuqili. Ukubingelela okufudumele kwezulu nokukhuzwa okunganakwa, amathuba angakhuliswanga, umfutho onikelwe ngobuhle noma ngobubi, futhi ngemiphumela efinyelela kude, zonke zibhaliwe yingelosi ebhala umbiko." 7

Ngisho nezono ngempela ezingenziwanga ziyabhalwa ezincwadini zezulu, zimelane nabantu ekwahlulelweni.

"Umthetho kaNkulunkulu ufinyelela kwimizwa nokuqondiwe, kanye nezenzo zangaphandle. Zembula imfihlakalo yenhliziyo, zikhanyise izinto ngaphambili ezangcwatshwa ebumnyameni. UNkulunkulu wazi yonke imicabango, yonke inhlozo, icebo ngalinye, konke okuqondiwe. Incwadi yasezulwini ibhala izono engabe zenziwe uma ithuba belivuma. UNkulunkulu uzoletha wonke umsebenzi ekwahluleleni, nazo zonke izinto ezifihlakele." 8

Ngokukhuluma kahle, uma izono zomunye zembulwa kakhulu zilethwa ekukhanyeni, uzojula kakhulu umsebenzi wokuguquka. Ngeshwa, ukuzwisa komunye ngokona kwakhe kwempilo kungahlanekezelwa kakhulu futhi kufiphazwe njengomphumela wemvuselelo owakhiwayo ulethwe ekuphileni kokuphenduka. Ukulethwa kokulungiswa okuhle maqondana nokudla, ukwembatha, nokuziphatha okuhleliwe nokuziphatha kaningi kuholela abaningi ukuba bacabange (badukile) ukuthi baye baba ngabalungile kakhulu futhi ngenxa yalokho, bancipha kancane kancane ukuthi abanasono. Lokhu kungukuzikhohliisa ngokusemandleni ako konke; yiwona umsuka ngempela weLawodekiya ngesineke bathi, "Ngicebile ngifuyile angiswele lutho." Akudingeki ukusho ukuthi kulula kakhulu ukuwela kulogibe kunalokho abaningi abangakuqonda. Ngempela, lesi isimo sabantu abaningi ebandleni, noma singeke sahlukaniswa noma savunywa. Lokhu kuchaza ukuthi kungani

iLawodekiya, uJesu wababaza, “Anazi ukuthi …” konke okukhulunyiwe, lesimo sengqondo siyadabukisa futhi sithinta kakhulu izinga lokuphenduka ekuzwakalayo.

UMSEBENZI WOKUPHENDUKA OKUJULILE
UKWANDULELA INHLAWULO YOKUGCINA NOKUHLANZWA

UNkulunkulu uzoba nabantu ezinsukwini zokugcina abanobudlelwano obusondelene neNdodana Yakhe esimeni somsebenzi Wakhe wokugcina endaweni engcwele ngcwele. Labo bazoholelwa ukubambelela ngokuphelele ubukhulu bokonakala ekuphileni kwabo, ngisho nasekuphelelweni yithemba. Bazobona ngokukhanyayo ukuphambene kokuthathekisa okungelinganiswe kukaKristu. Bazoholwa nguMoya Ongcwele ukulwa ngengqondo iLawodekiya evamile emabandleni kulezinsuku ngokuya kwisimoya sokwakha ngokuzihlola okukhulu nokuphenduka okujulile. Lamavo azofana nalawo uIsaya adlula kuwo, ngaphandle kuzobanamandla amakhulu alondayo. Lawamava, angumkhawulo “Nithobise imiphefumulo yenu” (Levi 16:29; 23:27-32) yilokhu okulungiselela ibandla lensali ukubuyisana kokugcina nokuhlanzwa.

Umbono kaZakariya ngoJoshuwa neNgelosi kusebenza ngamandla akhethekile kumava abantu bakaNkulunkulu kwizekalo zokugcina zosuku olukhulu lokubuyisana….”

“NjengoJoshuwa encenga phambi kweNgelosi, kanjalo ibandla lensali, ngokudabuka kwenhliziyo nangokholo oluqinile, lizonxusa intethelelo nokukhululeka ngoJesu, uMmeli wabo. Banolwazi oluphelele ngokonakala kwezimpilo zabo, babona ubuthakathaka nokungafaneleki kwabo; futhi bakulungele ukuphelelwa amandla.” 9

Umsebenzi omkhulu wokuzihlola nenguquko kuyadingeka kulesikhathi. (Joweli 2:13.) Ukunamathela okuvamile enkonzweni ebandayo, edangele, ngokomthetho wemikhosi ebandleni angeke kwanela ukwenza lokho kwenzeke. Futhi ngeke kube intshumayelo evamile yezintshumayelo ezifile, ngokomkhuba noma ukunikelwa kwemithandazo yokuntuleka kwegazi emzimbeni, kwemishini ebandleni nasemakhaya kuletha lokhu okwenzekayo. Inkolo engokoqobo kuphela ebonakala ngokufunda uNkulunkulu nsuku zonke, ubudlelwano mahora wonke Naye, kuyasiza.

Njengoba manje siphila esikhathini sosuku lokubuyisana, akusona isikhathi sokusebenza njengenjwayelo ebandleni. Ukuthotshiswa komphefumulo kunguhamba kukaKristu ebandleni lensali. UJesu uzokwenza ukubuyisana Kwakhe kokugcina; Useduze ukukhipha umyalo, “Mkhumuleni izingubo ezingcolileyo futhi,….Ngizokwembathisa ezobukhosi” (Zakariya 3:1-5). Masinyane, ngokuvumelana nomsebenzi wokugcina etabanakeleni elisezulwini njengoMpristi Omkhulu, uJesu uzohlanza abantu Bakhe ebubini bonke nasesonweni ngokubeka phezu kwabo ukulunga Kwakhe okuphelele. Labo abanomkhuba wokukhala ngokwehla kwesimoya sabo babubule ngenxa yobumpofu bomphefumulo, bazowamukela, kuyilapho labo abangamadlabha futhi bengenandaba bazonqunywa basuswe phakathi kwabantu Bakhe.

Ingabe uzoba ngomunye walabo ababusisekile abazothola umvuzo wokubuyisana kokugcina futhi babe yinxenye ye 144 000-na? Ingabe igama lakho lizogcinwa encwadini yokuphila yeWundlu? Ingabe uzohlanzwa ngokuphelele futhi unomphelo kukho konke ukungalungi futhi ulungele ukuhlala emphakathini wezingelosi ezingenasono. INkosi isibalele sonke njengabafaneleyo. Ngakho shisekela uphenduke.

“Njengabantu bakaNkulunkulu abathobisa imiphefumulo yabo phambi Kwakhe, abanxusa ukuhlazeka kwenhliziyo, umyalo uyanikezwa, “Mkhumuleni izingubo ezingcolileyo, futhi amazwi akhuthazayo ayashiwo, ‘Bheka, ngidedisile kuwe ububi bakho,

ngiyakukwembathisa ezobukhosi' (Zakariya 3:4). Ingubo engenabala yokulunga kukaKristu ibekwa phezu kwabantwana abathembekile bakaNkulunkulu abavivinyiwe, futhi balingwa. Insali ehlanjalwazayo imbathiswa izingubo ezinhle, ezingeke zangcoliswa nanini ngokonakala okukhona ezweni. Amagama abo agciniwe encwadini yokuphila yeWundlu, abhaliwe phakathi kwabathembekile bezikhathi zonke. Bathe bamelana nobuqili bomkhohlisi; abazange baguquka ekuthembakaleni kwabo uma ibhubhesi libhodla. Manje bagciniwe ingunaphakade kwizinkohliso zomlingi. Izono zabo zidluliselwa kumqambi wesono. Kwabekwa 'isigqoko esimhlophe' phezu kwamabunzi abo.

Okuphathelene

1. *The Acts of the Apostles,* p. 561.
2. *Patriachs and Prophets,* p. 85.
3. *Steps to Christ,* p. 29.
4. *The SDA Bible Commentary* [E. G. White Commentary], vol. 4, p. 1139.
5. Ibid.
6. *Testimonies for the Church,* vol. 5, p. 575. [Kungcizelelwe.]
7. *The Great Controversy,* p. 482.
8. *The Signs of the Times,* Ntulikazi 31, 1901. [Kugcizelelwe.]
9. *Prophets and Kings,* p. 588. [Kugcizelelwe.]
10. Ibid. p. 591.

NGESONTO, ZIBANDLELA 8, 2024

UKUGUQULWA

NGU ELIAS RIVERA-USA

INGUQUKO

Imvelo inemifanekiso emuhle esifundisa ngamandla amakhulu kaNkulunkulu, kanye nomsebenzi Wakhe wokuhlenga ezinhliziyweni zethu. Okuyindingilizi kwevemvane kwakhiwa ngezigaba ezine, okungukuthi; iqanda, isibungu, isiphungumakhathi, bese kuba ivemvane elikhulile. Uhlelo lufushane kakhulu, kuthatha isikhathi esingaba inyanga. Amavemvane abekela amaqanda awo ngaphansi kwamaqabunga ezitshalo lezo ezizodla izibungu zazo. Uma iqanda lichamuselwa, isicabucabu sivumbuka kugobolondo lwaso. Izivemvane, kolunye uhlangothi, ziyiziminzi; zidla kakhulu futhi zikhula masinyane. Lapho imvemvane ifinyelela ekukhuleni, yakha isiphungumangathi, elinye igama laso (chrysalis) isiphungumangathi. Uma siphakathi kwesiphungumangathi, uvemvane luzongena kwinguquko eyaziwa njengeguquko (metamorphosis) futhi emva kwezinsuku ezimbalwa, ukusuka kwisiphungumangathi kuzophuma ivemvane elibukekayo.

Uvemvane lwenzelwa inguquko ephelele. Liphenduka isidalwa esihlukile ngokuphelele nangemvelo entsha ehlukile kakhulu. Lokhu yikona uNkulunkulu akuhlosile ngokuphila kwesimoya sethu kuKristu. “Kanjalo uma umuntu ekuKristu, uyisidalwa esisha: okwakuqala kudlulile; bheka, sekuvele okusha” (2 Korinte 5:17). Icebo likaNkulunkulu ukuguqula izimpilo zethu, ukubuyisela umfanekiso Wakhe kithi, ukuguqula izinhliziyo zethu. Uthi, Ngiyakuninika inhliziyo entsha, ngifake phakathi kwenu umoya omusha, ngikhiphe inhiziyo yetshe enyameni yenu, ngininike inhliziyo yenyama: ngiyakufaka umoya wami phakathi kwenu, ngenze ukuba nihambe ngezimiso zami; niyakugcina izahlulelo zami, nizenze” (Hezekiya 36:26, 27).

Igama elithi “ukuphenduka” lisho ukuguqulwa, ukwenza umehluko, ukushintsha ngokuphelele ibe ngenye into ngaphandle kwalokhu eyayiyikho. Isibonelo salokhu sitholakala ku-Johane 16:20, “Kepha usizi lwenu luyakuphendulwa lube ngukuthokoza” noma kuSambulo 11:6, “futhi banamandla phezu kwamanzi okuwaphendula abe yigazi.”

Ngakho-ke uma sikhuluma ngokuphenduka, sikhuluma ngomsebenzi kaNkulunkulu wokuguqula umuntu kumuntu Kanye nakumuntu, lapho umuntu ethethelelwa futhi eguqulwa, umsebenzi ophakeme kakhulu lowo olungisisayo nongcwelisa okholwayo. Ngumsebenzi lapho umuntu omdala ebethelwa angcwatshwe futhi lapho umuntu omusha uyazalwa ekuphileni okusha.

INGUQUKO ISEBENZA KANJANI

Inguquko ngumsebenzi kaNkulunkulu kumuntu ngamandla othando Lwakhe nangoMoya Wakhe Ongcwele. Kukhona inguquko ephansi leyo efana nekaSawule, inguquko eyaphawuleka kakhulu lapho umuntu wase Tarsu eba nokuhlangana komuntu ubuqu noKristu endleleni eya eDamaseku. Impilo kaSawule yathinteka ekwambulweni kwenkazimulo

kaKristu. Lokhu kuhlangana kwashintsha impilo yakhe ngalesosikhathi kangangokuthi, eseshaywe ngobumpumputhe futhi waguqa phansi, wathi: “Nkosi, uthanda ukuba ngikwenzeleni?” (Izenzo 9:6). Lowo obesendleleni eye eDamaseku ngezinhloso ezimnyama ukumelana nebandla likaKristu, ukubona kwakhe kwabuyiselwa emva kokuchitha izinsuku ezintathu engadli nomkhuleko weza ngokulandela ngombhapathizwa. Khona-ke ngokushesha waqala ukusebenzela ukwakha ibandla ngalezo zinsuku ngaphambili wayelishushisa ngentshiseko. USawule wayeseshisekela ukushumayela ngoKristu manje wayenomyombo wempilo yakhe nesigijimi. “Masinyane washumayela emasinagogeni ngoJesu ukuthi Yena uyiNdodana kaNkulunkulu” (Izenzo 9:20).

Ukuphenduka kukaSawule, owaziwa ngokuthi nguPawule (okuchaza “omncane”), ngumsebenzi womusa kaNkulunkulu nothando oluguqulayo lukaJesu Kristu. Lokhu kwabangela ukuba umcuphi ononya azishushise yena ngenxa kaJesu, futhi amemezele isigijimi sakhe ngaphandle kokwesaba, ebhekene nazo zonke izinhlobo zobunzima, ngisho nokufa uqobo. Zikhona nezinye izinhlobo zokuphenduka njengendaba kaNikodemu. Kwathatha iminyaka emithathu emva kokuxoxisana noJesu (bheka uJohane 3) ukuze uNikodemu afinyelele eqophelweni lokukholelwa esidlangalaleni kuJesu futhi azinikele ngokuphelele kuMsindisi obethelweyo.

UKUBA NECALA NGAKO KONKE KU-NKULUNKULU

“Umoya uzwakala phakathi kwamagatsha emithi, unyakazisa amaqabunga nezimbali; kodwa awubonakali, futhi awazi lapho uvela khona nalapho uya khona. Unjalo umsebenzi woMoya Ongcwele enhliziyweni. Angeke kuchazwe njengokuhamba komoya. Umuntu angase angakwazi ukusho ngokuqondile isikhathi noma indawo; noma ukulandelela zonke izimo kwinqubo yokuguqulwa. Kodwa alifakazeli ukuthi akaguqukanga. Ngesenzo sesithunywa esingabonakali njengomoya, uKristu uhlala esebenza enhliziyweni. **Kancane kancane, mhlawumbe ungalindele kowamukelayo, kuvela imibono evame ukudonsela umphefumulo kuKristu.** Lezi zingatholwa ngokuzindla Ngaye, ngokufunda iMibhalo engcwele, noma ngokuzwa izwi lomshumayeli ophilayo. **Ngokuphazima kweso, umoya uza ngokunxusa okuqondile, umphefumulo uzinikela kuJesu ngentokozo.** Kwabaningi lokhu esikubiza ngokuthi inguquko ezumayo, kodwa kungumphumela wokuncenga isikhathi eside ngoMoya kaNkulunkulu, ukubekezela, okuthatha isikhathi eside.” 1

UNGAMELANI

“Pho, ngakho, siyakusindiswa kanjani. Ukukhanya okukhanya esiphambanweni kuveza uthando lukaNkulunkulu. Uthando Lwakhe lusidonsela Kuye. Uma singamelani nokudonswa, sizoholelwa ezinyaweni zesiphambano ngokuphenduka ezonweni ezabethela uMsindisi. **Kanjalo uMoya kaNkulunkulu ngokukholwa uveza ukuphila okusha emphefumulweni. Imicabango nezifiso zilethwa ekulaleleni intando kaKristu. Inhliziyo, ingqondo, zidalwa kabusha ngomfanekiso Wakhe osebenza kithi ukuthobisa zonke izinto Kuye**. Ngakho-ke umthetho kaNkulunkulu ubhalwa engqondweni nasenhliziyo, futhi singasho noKristu, ‘Ngiyathanda ukwenza intando yakho, Nkulunkulu wami’ (Amahubo 40:8).” 2

UKUGUQULWA NGOMOYA ONGCWELE

“Lapho umoya ngokwawo ungabonwa ngamehlo, imiphumela yawo iveza okubonwayo nokuphathekayo. Kanjalo umsebenzi woMoya emphefumulweni uzozibonakalisa kwisenzo ngasinye kulowo ozwa amandla awo asindisayo. **Lapho uMoya kaNkulunkulu uthatha indawo enhliziyweni, uguqula impilo. Imicabango eyonayo ibekelwa eceleni, izenzo ezimbi ziyadelwa; uthando, ukuzithoba, futhi nokuthula kuthatha indawo yentukuthelo, umona, nombango.** Injabulo ithatha indawo yokudabuka, futhi ubuso bubonakalisa ukukhanya kwasezulwini. Akekho obona isandla esiphakamisa umthwalo, noma sibheke ukukhanya okwehla kuvela kwizigodlo ngaphezulu. **Isibusiso siza lapho ngokukholwa umphefumulo uzinikela ngokwawo kuNkulunkulu.** Lapho kungekho mandla okungekho iso lomuntu elingakubona lidala isidalwa kabusha ngomfanekiso kaNkulunkulu.” 3

UKUPHENDUKA OKUQOTHO

“Ngalokhu phendukani, niguquke ukuba kuhlangulwe izono zenu, ukuze kufike izikhathi zokuhlunyelelwaezivela ebusweni beNkosi” ((Izenzo 3:19, 29).

“Ngaphandle kokuphenduka kweqiniso, angeke kwabakhona inguquko yeqiniso. Abaningi bayakhohlisiwe lapha, futhi ngokuvamile kakhulu wonke amava abo afakazela inkohliso. Yingakho abaningi abahlanganiswa nebandla abakaze bahlanganiswa kuKristu.” 4

“Phendukani, nibuye ezeqweni zenu zonke, ububi bungabi yisikhubekiso senu” (Hezekiya 18:30).

Ukuphenduka kuhlanganisa ukudabukela isono futhi usifulathele. Angeke salahla isono ngaphandle kokuthi sibona ububi baso; size sisifulathele ngenhliziyo, angeke kubekhona inguquko yangempela empilweni.” 5

Nokho, ukuze sibe naloluhlobo lwamava okuphenduka, kufanele siqonde ukuthi kwenziwa kanjani. “Njengoba isoni silahlwa ngecala, futhi sithathekiswa uthando nobungcwele bukaKristu; ngoba uJesu umdonsela Kuye. Akukho muntu ongasungula ukuphenduka okubalulekile ukuze kusindiswe umphefumulo. Akanakho ukuziletha ekuphendukeni kunokuletha inguquko ngokwakhe. Ukuphenduka kuzalwa enhliziyweni ngokubheka uthando lukaKrisu, owazinikela ngokuphila Kwakhe ukuze asindise isoni. Uthando lukaNkulunkulu oluthambisa inhliziyo elukhuni kakhulu.” 6

IZITHELO ZOKUPHENDUKA

Umsebenzi wokuphenduka uletha izithelo ezimangalisayo; ukuphila okusha, inhliziyo ehlanzekile neyenziwe kabusha, umoyo olungile nezinye izithelo, zingubufakazi obuhle bokuphenduka. “Kanjalo uma umuntu ekuKristu, uyisidalwa esisha; okwakuqala kudlulile; bheka, sekuvele okusha” (2 Korinte 5:17).

*Owesifazane waseSamariya, emva kokuphendukela kuJesu, washiya uuphila kobufebe waya emzini evuma ukuvuma uJesu Kristu njengoMsindisi uMesiya. Johane 4:28, 29.

*Onedimoni owayengembethe uma ekhululwa, manje wabonakala embethe futhi esangulukile; ubunqunu bakhe banyamalala emva kokuphenduka kwakhe. Luka 8:35.

*UPeter, umdobi ongafundile, emva kokuphenduka kwakhe waphenduka umalusi othembekile wevangeli, umuntu ofundile ongumanduleli wombuso wokukhanya. Mathewu 4:19.

*UZakewu, umthelisi, owabekwa icala lokumbuka futhi isitha sabantu emva kokuphenduka kwakhe, wanikela ngenxenye yempahla yakhe kwabampofu wanquma ukubuyisela kulabo abaphucile ngamacebo. Luka 19:8, 9.

*UMariya, owayekhwelwe ngamadimoni ayisikhombisa ngenxa yokuphila kwakhe okubi, emva kokukhululwa kwakhe ngenxa yokuphenduka waletha kuJesu isipho esiyigugu ukuze agcizelele uthando lwakhe nokubonga. Marako 14:3.

Ukuphenduka kuzobangela ubuhle bukaKristu buchume ekuphileni kwethu; kuzobakhona umoya wokufundisa, ukuthobela intando kaNkulunkulu, ukuthembeka, nenjabulo engcwele. Konke okunesithunzi nokuhle kuzovama ekuphileni kwalowo ophendukele eNkosini.

“Umoya kaKristu ungumoya wokufundisa. Ukushaya kwenhliziyo okokuqala edalwe kabusha kufanele ilethe abanye kuMsindisi.” 7

“Wonke umfundi weqiniso uzalwa embusweni kaNkulunkulu njengomfundisi. Lowo ophuza emanzini aphilayo uba ngumthombo wokuphila. Owamukelayo uphenduka ophayo.” 8

UKUPHENDUKA KWAMANGA

Kuyinto eyigugu ukuzisho ukuthi bayakhonza. Asibobonke abazishoyo ukuthi bangamaKrestu ngempela; abaningi abazibiza amaKrestu abalaleli izimiso zomthetho kaNkulunkulu, baphila ukuphila okudala yokujabulisa inyama. Bayazikhohlisa ukuba bakholwe ukuthi baphendukile kuyilapho bengaphendukanga. Abaningi bathi: “Nkulunkulu, ngiyakubonga ngokuba ngingenjengabanye abantu: izigcwelegcwele, abangalungile, iziphingi, nanjengalomthelisi. Ngizila ukudla kabili ngeviki, nginikela okweshumi kukho konke enginakho” (Luka 18:11, 12). Ukuzisho angeke kwasiza uma inhliziyo ingaguqulwanga.

Isizathu senguquko yamanga akukona ukuswela ulwazi noma amathuba, kodwa ukuswela ngempela ukuzinikela ngokuphelele, ukwehluleka ukuvula inhliziyo ngokuphelele kuJesu nokuvumela umsebenzi wenguquko yomusa Wakhe ukusebenza ekuphileni.

Isibonelo sokuqala yilesi sikaJudasi Iskariyoti, lowo owaziwa kahle ngegama elibi.

“UJudasi azange afinyelele kumcijo wokuzinikela ngokuphelele kuKristu. Azange ashiye uthando lelizwe noma ukuthanda kwakhe imali. Lapho amukela isikhundla sokuba ngumfundi kaKristu, azange azilethe ngaphansi kokubunjwa okungcwele.” 9

Uma uthanda ukuzehlukanisa ngokuphelele usuke ezindleleni zokona, uzoba munye noKristu, futhi ukuba munye noKristu ukungena kwindlela yokuphila kanye namazwe okuthula.

Njengoba manje sifinyelele kwiViki Lomkhuleko, leli makube ithuba lokuhlola izinhliziyo nokubona uma kukhona indlela yobubi esiyilandelayo-uma uthando lwethu luhlukene kabili, uma sinezithixo ezigcwalisa inhliziyo, nokuqinisekisa ukuthi sinamava okuthi uJesu uyiNkosi, iNkosi kuphela egcwalisa izinhliziyo zethu. (Isaya 33:22.) “Sibuyisele kuwe-Jehova, siyakubuya; yenza izinsuku zethu zibe-zintsha njengasendulo” (Isililo 5:21).

ISIKHATHI SIFIKILE

Manje isikhathi sethu, njengoJakobe, lahlani izithixo zabezizwe eziphakathi kwenu, nizihlambulule-nina (Genesis 35:2-4). Manje isikhathi sokuzalwa kabusha ngezwi likaNkulunkulu nangamandla omoya Wakhe (1 Peter 1:23). Manje isikhathi sokukhululeka ngenkululeko leyo uKristu asikhulula ngayo. Manje isikhathi sokushiya inhliziyo-mbili, futhi, ngomusa omangalisayo kaNkulunkulu, nokuguqulwa ukuba ngabesilisa nabesifazane, nabasha ngokwenhliziyo Yakhe (Izenzo 13:22). Manje isikhathi sokuthi yebo kuJesu. Uma uzinikela kuJesu namuhla, uzokwenza isimanga esingekho ekuphileni kwakho. Inhloso Yakhe iqinile: Ngiyakubanika inhliziyo ibenye, ngibeke umoya omusha phakathi kwabo, ngikhiphe inhliziyo yetshe enyameni yabo, ngibanike inhliziyo yenyama: ukuba bahambe ngezimiso zami, bagcine izahlulelo zami, bazenze: babe ngabantu bami, mina ngibe nguNkulunkulu wabo" (Hezekiya 11:19, 20).

UKUPHENDUKA KWANGEMPELA, AKUKONA OKUKHA PHEZULU

Ukuphenduka kumele kube yiqiniso, kungakhi phezulu. Inhliziyo engaphakathi kufanele iguqulwe, kungesikho ukuphila kwangaphandle kuphela; umongo wokukholwa kufanele ufinyelele ngaphezu kwenkambo noma imikhosi. Osukwini loMsindisi, amaJuda kanye nabaholi bezenkolo babenza umbukiso omkhulu wokwesaba uNkulunkulu, kodwa uJesu wathi ukuphila kwabo kugcwele ukuzenzisa nobubi. Mathewu 23:27, 28. Okukhulu kwenguquko yangaphandle kuyadingeka; lokhu kunendawo yakho, kodwa "inhliziyo yesimoya" –okungukuthi, ingqondo-kufanele yenziwe busha, futhi lokhu kuzoletha ukuphila okusha.

Abantu abangamaJuda osukwini lukaKristu babeyamele kwimihlatshelo namasiko esikhundleni saLowo lokhu okuqondiswa kuye. Futhi kungathi lokhu akubanelisi, beza ukufaka esikhundleni sobukhona bukaNkulunkulu izimfuno eziningi eziqanjwe ngabantu-baze balinganise ubungcwele ngobuningi bemikhosi, kuyilapho izinhliziyo zabo zimile aziguquki, zigcwele ukuzigabisa nokuzenzisa.

Akuyona inguquko yangaphandle noma intuthuko edingekayo, kodwa inguquko ephelele yokuphila. Uboya bempungushe yaseArctic iphuzi ngokwebala, kodwa phakathi kobusika uboya balo bubamhlophe njengeqhwa. Kubonakala sengathi impungushe isilwane esihlukile, kodwa iqiniso kuphela okushintshayo nguboya, inguquko elizoletha ukudideka ibala layo ngesikhathi sasebusika. Noma ukubonakala kwayo ngaphandle kuyaguquka okwesikhashana, imvelo yayo ayiguquki, kuseyiyona enamandla, ehambayo, impungushe ebulalayo.

"Umthombo wenhliziyo kufanele ihlanzwe ngaphambi kokuba imifudlana ingaba ngehlanzekile. Lowo ozama ukufinyelela ezulwini ngemisebenzi yakhe ukugcina umthetho uzama into engeke yenzeka. Akukho ukuphepha koyedwa onenkolo kuphela evunyelwa ngumthetho, isimo sokwesaba uNkulunkulu. Ukuphila koMkrestu akuyona yokwenza ngcono noma ukuthuthukisa okudala, kodwa inguquko yemvelo. Kukhona ukufa kukamina nesono, nokuphila okusha ngempela. Lenguquko ingalethwa kuphela ngokusebenza ngempumelelo koMoya Ongcwele." 10

“NGIFA NSUKU ZONKE”

Ukuhamba kwethu noNkulunkulu kufanele kwenzeke nsuku zonke; nsuku zonke sidinga umusa Wakhe ovuselelwayo ezinhliziyweni zethu ukuze imvelo yethu endala yesono- “umuntu omdala” –abhujiswe ngokuphelele. Kuphawuliwe kuye ukuthi ngesikhathi umuntu omdala embelwe ngamanzi ngombhapathizo, usizi nalo lingumbhukudi onekhono. Yingakho amazwi kaPawule akhamelelayo: “Ngifa nsuku zonke” (1 Korinte 15:31).

“Kukhona isidingo sokuxwaya njalo njalo, ukuphenduka nsuku zonke, ukuze izici zethu zesimilo somuntu ngamunye zingangcweliswa ngokuphelele kuNkulunkulu. Wonke amandla ethu kufanele ahlanzwe kumanyela esono, futhi aqeqeshelwe umsebenzi.” 11

“Ukungcweliswa kukaPawule bekuyimpi njalo yokulwa nomina. ‘Ngifa nsuku zonke,’ esho. Nsuku zonke intando yakhe nezifiso zakhe zazilwisana nomsebenzi kanye nentando kaNkulunkulu. Kodwa esikhundleni sokulandela ukuthambekela, ubenza intando kaNkulunkulu, nokho bekungathandeki futhi kubethela imvelo yakhe. Uma siphokophele phambili emgomeni wokubizwa kwethu okuphezulu kuKristu Jesu, kufanele sibonise ukuthi sizithulule wonke umina, futhi sanikezwa amafutha egolide omusa.” 12

IMFIHLO IYADALULWA

UDanyeli eseBhabhilona uchazwa njengomuntu ongenasici: “Khona abongameli nezikhulu base befuna ukuthola utho ngoDanyeli oluqondene nombuso; kepha abatholanga lutho necala kuye; ngokuba wayethembekile; akutholwanga–siphosiso nacala kuye” (Daniyeli 6:4).

Beyikuphi imfihlo yokuphila impilo ethembekile kangaka? INkosi uDariyu wembula imfihlo kaDaniyeli kithi; waphawula izikhathi ezimbili ukuthi imfihlo kaDaniyeli ubudlelwano obuqhubekayo noNkulunkulu. UDaniyeli wagcina ukuphila kokholo nokukhuleka nsuku zonke, ethokozela ubudlelwano obusondelene noNkulunkulu nsuku zonke. Umbhalo ongcwele ubhala ukuthi: Daniyeli, wena nceku kaNkulunkulu ophilayo, uNkulunkulu wakho omkhonza njalo angakukhulula kuzo izingonyama-na?” Yayisijabula kakhulu inkosi, yayaleza ukuba uDaniyeli akhushulwe emphandwini. UDaniyeli wayesekhushulwa emphandwini, akufunyanwanga-mcothu kuye, ngokuba wayethembekile kuNkulunkulu wakhe” (Daniyeli 6:20, 23).

“Ukuphenduka okuqotho kusiletha nsuku zonke ebudlelwaneni noNkulunkulu. Kuzobakhona izilingo esizohlangabezana nazo, nemisinga enamandla esidonsa ukusuka kuNkulunkulu nakwisimo sethu sokuqala sokungakhathali nesono sokukhohlwa uNkulunkulu.” 13

“Mina ngingumvini, nina ningamagatsha; ohlala Kimi, Nami kuye, lowo uthela izithelo eziningi, ngokuba ngaphandle Kwami ningenze lutho” (Johane 15:5).

UKUPHENDUKA KOMUNTU UQOBO

Wonke umuntu udinga ukuqiniseka ukuzinikela ngamunye, ukuphenduka komuntu uqobo. Sonke sidinga ukuzuza amava aphilayo; uKristu kufanele abuse enhliziyweni, uMoya Wakhe kufanele ulawule ukunaka kwethu. Abazali badinga umusa ohlengayo kaNkulunkulu ngamava omuntu ngamunye noKristu, njengoba abantwana bekwenza. Umuntu ngamunye kufanele ahlumele kumvini weqiniso ukuze athele izithelo lezo uBaba osezulwini azodunyiswa

ngazo. “UBaba uyakhazimuliswa ngalokhu ukuba nithele izithelo eziningi, nibe ngabafundi bami” (Johane 15:8).

“UNkulunkulu usebenza ngathi ngokuhlinzela Kwakhe. Ukusukela ephakadeni wasikhetha ukuba simlalele njengabantwana Bakhe. Wasinika iNdodana Yakhe ukuba izosifela, ukuze singcweliswe ngokulalela iqiniso, sihlanzwe kubo bonke ubumina. Manje udinga kithi umsebenzi womuntu ngamunye, ukuzinikela komuntu ngokuphelele.” 14

Phakathi komuzi kaNkulunkulu akukho okuzongena okungcolisayo. Bonke abazoba ngabakhileyo kulo kuselapha kufanele bahlanzeke ngokwenhliziyo. Kulowo oweyame kuJesu, kuzobonakala ukukhula kokwenyanya ukuziphatha ngobudlabha, kakhulu uma ukhuluma, nomcabango olukhuni. Uma uKristu ehlala phakathi kwenhliziyo, kuzobakhona ukuhlanzeka nokukhula komcabango nokuziphatha.

ISIPHETHO

UEnoki wahamba noNkulunkulu iminyaka engamakhulu amathathu (300) emva kokuzalwa kwendodana yakhe uMethusela, futhi ngaphezu kweminyaka engamakhulu amathathu nsuku zonke uEnoki wayemema uNkulunkulu ukuba ahambe naye, kwathi ngolunye usuku uNkulunkulu ngokukhethekile wathi kuye, “Enoki, ungimemile ukuba ngihambe nawe iminyaka engamakhulu amathathu, kodwa namuhla ngiyakumema ukuba uhambe nami,” wayesemthathela ezulwini. “U-Enoki wayehamba noNkulunkulu; kodwa wayengasekho nje, ngokuba uNkulunkulu wamthabatha” (Genesis 5:24). U-Enoki ubengakhuleki kuphela kodwa ngokuthembeka wafezekisa umsebezi wakhe kuNkulunkulu nakubantu bakubo; U-Enoki wazela ukuthanda lokhu uNkulunkulu akuthandayo ezonda lokhu uNkulunkulu akuzondayo; waphila ngokukholwa impilo yendlela yokulalela, ethokozisa uNkulunkulu kukho konke akwenzayo. “Ngokukholwa uEnoki wathathwa, ukuze angaboni ukufa, akabe esafunyanwa, ngokuba uNkulunkulu wayemthabathile. Ngokuba engakathathwa ufakazelwe ukuthi wayethokozisa uNkulunkulu” (Heberu 11:5).

“Kepha manje, kusho uJehova, phendukelani kimi ngenhliziyo yenu yonke, nangokuzila ukudla nangokukhala, namgokulila” (Joweli 2:12). Thatha isikhathi esanele namuhla ubheke izindlela zakho futhi ubone ukuthi usendleleni eqondile yobudlelwano noJesu.

*Uyathanda ukunikela inhliziyo yakho kuJesu namuhla ukuze uguqulwe-na?

*Futhi wena ozinikele kuJesu, uyathanda ukwenza busha ukuzinikela kwakho kuJesu ukuze inhliziyo yakho ihlale iyinhle njengekaKristu-na?

*Uyathanda ukukhuleka manje unikele inhliziyo yakho kuJesu-na?

Masikhuleke Kanye kanye.

Okuphathelene

1. *The Desire of Ages*, p. 172.
2. Ibid., pp. 175, 176. [Ukugcizelela kuyengezwa.]
3. Ibid., p. 173. Ukugcizelela kuyengezwa.]
4. *The Spirit of Prophecy,* vol. 4, p. 298. [Ukugcizelela kuyengezwa.]
5. *Steps to Christ,* p. 23.
6. *The Review and Herald,* Mandulo 3, 1901.
7. *The Great Controversy,* p. 70. [Ukugcizelela kuyengezwa.]

8. *The Desire of Ages*, p. 195. [Ukugcizelela kuyengezwa.]
9. Ibid., p. 717.
10. Ibid., p. 172. [Ukugcizelela kuyengezwa.]
11. *This Day with God,* p. 307.
12. *The Youth's Instructor,* Ncwaba 24, 1899.
13. *This Day with God,* p. 277.
14. *The Youth's Instructor,* Ncwaba 24, 1899.
15. *Thoughts from the Mount Blessings,* pp. 24, 25.

NGOLWESITHATHU, ZIBANDLELA 11, 2024

UKUHLANGULWA KWEZONO

NGU JETHRO M, SITHOLE-SOUTH AFRICA

[*Ukugcizelela kuyengezwa yonke indawo]*

"Mina, mina nginguye owesula iziphambeko zakho ngenxa yami; angiyi kukhumbula izono zakho" (Isaya 43:25). Ukwesula kusho ukuthi ukuzisusa ngokuphelele ngaphandle komkhondo, ukucisha noma ukuzesula zingabi khona noma zingakhunjulwa.
Ukuqinisa kukaNkulunkulu esinikwa kona ngumprofethi uIsaya kusho ukuthi "Bonke abaphenduke ngokweqiniso ezonweni, futhi ngokukholwa babiza igama likaKristu njengomhlatshelo wabo kuphela wenhlawulo, batholile intethelelo yabhalwa eduze kwamagama abo ezincwadini zezulu; njengoba baba ngabahlanganyeli bokulunga kukaKristu, nezimilo zabo zitholakala zivumelana nomthetho kaNkulunkulu, izono zabo ziyahlangulwa, nabo ngokwabo bazobalwa njengabafanele ukuphila okuphakade." 1 Ngakho-ke cabanga ngokujulile ukuthi kungani ukuhlangulwa kwezono kudingeka.

UKUNGALALELI KANYE NEBALA LESONO

"Emva kokuthi umuntu eqe umthetho kaNkulunkulu ensimini yase-Edeni, "ukukhanya kwenkazimulo, uNkulunkulu akunika uAdamu ongcwele, ekumbozile njengesambatho, kwasuka kuye emva kokona kwakhe. Ukukhanya kwenkazimulo kaNkulunkulu ubungeke wemboze oweqa umthetho nesono. Esikhundleni sempilo nezibusiso eziningi, ubumpofu, ukugula, nokuhlupheka kwezinhlobo nhlobo kwaba yinxenye yabantwana bakaAdamu." 2 Ngeshwa, umuntu walahlekelwa amalungelo amakhulu endaweni yamachaphazelo esono.

"USathane wafeza ukuwa komuntu, futhi kusukela ngaleso sikhathi kulokhu kungumsebenzi wakhe ukususa emuntwini umfanekiso kaNkulunkulu, nokucindezela enhliziyweni yomuntu umfanekiso wakhe." 3

"Ngaphambi kokuba isono singene, uAdamu wayethokozela ubudlelwano obusobala noMdali wakhe; kodwa kusukela lapho umuntu ezahlukanisa noNkulunkulu ngokona, isizwe soluntu sithe sanqunywa kulelungelo eliphakeme. Ngecebo lensindiso, nokho, indlela ithe yavulwa lapho abakhileyo emhlabeni bangaba nokuxhumana futhi nezulu." 4

UTHANDO OLUMANGALISAYO LUKA-NKULUKULU NGOMUNTU

Ukufa kuka-Adamu no-Eva ngenxa yokweqa umthetho kwakuqinisekile. Uma bekungelona icebo lensindiso, ngabe bafa ngokushesha lapho bedla isithelo esinqatshelwe.

"Kepha uNkulunkulu uyabonakalisa ukusithanda Kwakhe ngalokhu ukuthi, siseyizoni, uKristu wasifela" (Roma 5:8). Ukujula kothando oluvezwa emazwini, "UNkulunkulu walithanda izwe kangaka" (Johane 3:16), angaqondwa kangcono ngesambulo esimangalisayo sokuthi iWundlu likaNkulunkulu elahlatshwayo, selokhu kwasekelwa umhlaba" (Isambulo 13:8).

Eqhutshwa uthando olwalukhona ngaphambi kokudalwa kwethu, uNkulunkulu wenza isithembiso sobutha phakathi kobubi (bheka uGenesis 3:15). “Lapho [lesithembiso], **sabikezela impi phakathi komuntu noSathane, ichaza ukuthi amandla empi enkulu ekugcineni izophela**.” 5

“Akekho ngaphandle kukaKristu ongahlenga umuntu owileyo esiqalekisweni somthetho amlethe futhi ekuvumelaneni neZulu.” 6 Uthando olumangalisayo lukaNkulunkulu labonakaliswa ngecebo lensindiso esizweni soluntu. INkosi yamisa inkonzo yomhlatshelo ukuze yembula ngokusobala icebo Layo lensindiso.

IZIMPAWU NEZIKHUMBUZO ZOKUBUYISANA KUKA-KRISTU

Inhlawulelo ngukubuyisana kukaNkulunkulu nomuntu ngokufa komhlatshelo kaKristu. Emva kokumemezela icebo lensindiso kuAdamu noEva, uNkulunkulu wabuyisela ingubo esusiwe yokukhanya ngesikhumba sesilwane, efanekisa ingubo yokulunga kukaKristu nengubo yensindiso. Ukwenza lezambatho, umhlatshelo kwakumele wenziwe, ngoba “ngaphandle kokuchitha igazi akukho ukuthethelelwa” (Heberu 9:22), owandulela umhlatshelo kaKristu esiphambanweni.

Kusukela kwi-altare elakhiwa nguAbrahama ezweni laseMoriya ukunikela uIsaka njengomhlatshelo, kusukela kwithempeli elakhiwa nguSolomoni enNtabeni yaseMoriya ngoba ubukhona bukaNkulunkulu negazi lomhlatshelo wezilwane ngezikhathi zonke, izimpawu nezikhumbuzo ezimemezela ukufaneleka kwegazi likaKristu elisusa izono zabantu kuye kwaba sobala (Genesis 22:2; 2 Izikronike 3:1). Ukuqonda kahle inkonzo yendawo engcwele yasezulwini kuyisisekelo sokukholwa kwethu.” 7

INDAWO ENGCWELE

“Igama elithi ‘indawo engcwele,’ njengoba lisetshenziswa eBhayibhelini, likhomba, kuqala, kwitabanakeli elakhiwa nguMose, njengomfanekiso wezinto zasezulwini; futhi, okwesibili, ‘kwitabanakeli yeqiniso’ ezulwini, leyo indawo engcwele yasemhlabeni ibhekiswe khona.” 8

Lapho besendleleni eya eKhanani uNkulunkulu wayala uIsrayeli ngoMose ukuthi Mabangenzele indlu engcwele ukuba ahlale phakathi kwabo (Eksodusi 25:8). “UNkulunkulu waletha phambi kukaMose entabeni umbono wendawo engcwele yasezulwini, wamyala ukuba enze zonke izinto njengesifanekiso aboniswe sona.” 9

Indawo engcwele yasemhlabeni noma itabanakeli yayiqukethe ingceke, indawo engcwele, nendawo engcwele-ngcwele efanekisa umsebenzi owaprofethwa kaKristu kusukela ekuzalweni Kwakhe kuze kufinyelele ekusuleni Kwakhe isono.

1. **Igceke** (Eksodusi 27:9-18), yindawo ezungeze indawo itabanakeli lapho yonke iminikelo ihlatshwa khona, isimo somhlaba lapho uJesu, umnikelo omkhulu woqobo, kwakumele afe ngenxa yezono zethu (Johane 12:32, 33). 10 isango elilodwa legceke lapho isoni sasiletha khona umnikelo wesono, usikhombuza ukukholwa kuKristu njengokuphela kwendlela yokufinyelela kubudlelwano bethu besivumelwano noNkulunkulu (Johane 10:7, 9). **I-altare leminikelo yokushiswa** (Eksodusi 27:1-8) eduze kwalapho umhlatshelo wegazi lithululwa nomlotha womnikelo ubekwa khona (Levi 6:10; Duteronomi 12:27), libonisa ngaphambili ukuthululwa kwegazi eliyigugu

likaJesu, elisusa isiqalekiso sesono kulomhlaba, livule indlela yokuhlanzwa ngomlilo (Malaki 4:1, 3). Igazi lomhlatshelo lisifundisa futhi ukuthi bekuyigazi likaJesu kuphela ukuthi sinokungena ngesibindi ebukhoneni bukaNkulunkulu phakathi kwendawo engcwele (Heberu 10:19, 20 (ESV, ISV). **Umncengezi** wamanzi (Eksodusi 30:17-21) ophakathi kwesango letabanakeli lapho umpristi kwakufanele ageze izandla zombili nezinyawo ngaphambi kokuba angene etabanakeleni, ngumfanekiso wyiqiniso owafundiswa uNikodemu maqondana nokuhlanzwa kwesimoya okudingekayo ukuze ungene ebukhoneni bukaNkulunkulu, lokhu umbhapathizo olunguphawu lwalokho (Johane 3:5). 12

2. **Itabanakeli** lalihlukaniswe kabili indawo engcwele nendawo engcwele ngcwele (Heberu 9:1, 2).

A. **Indawo engcwele** yayinemifanekiso yempahla elandelayo: **Isinkwa sokubukwa** (Eksodusi 25:23-30) kwahlangana ukugcwaliseka kwaso ngoJesu, isinkwa sokuphila (Johane 6:48, 33, 51). 13 **Uthi lwesibane** (Eksodusi 25:31-40) lufanekisa ibandla (Isambulo 1:12, 20) okwakufanele liphakamise isibane sezwi (Amahubo 119:105) lapho amafutha aphakathi kwesibane ngasinye efanekisa uMoya Ongcwele emhlabeni (Zakariya 4:1-6, 10 *c.f.* Isambulo 5:6) **Ialtare lempepho** (Eksodusi 30:1-7) lifanekisa iphunga elingapheli likaJesu elihlanganiswa nemikhuleko yethu (Heberu 7:25; Isambulo 8:3, 4).

B. **Indawo engcwele ngcwele** (Heberu 9:3-5) zazinezimpawu ezilandelayo zempahla kanye nezinto: **Umphongolo wesivumelwano** (Eksodusi 25:10-22), uphawu lobukhona obungcwele bukaNkulunkulu. 14 Ngaphakathi komphongolo kwakukhona izibhebhe zamatshe ezimbili **Zemithetho Elishumi** ibhalwe yisandla sikaNkulunkulu (Duteronomi 10:4, 5). Lezi zazigcizelela isimilo sikaNkulunkulu esisele esingaguquki. 15 **Isihlalo somusa** (Eksodusi 25:17-21) sasemboza umthetho owaphulwa, yilapho ubukhona obusobala bukaNkulunkulu bubonakaliswa khona (Eksodusi 25:32; 30:6). Lokhu kufanekisa ubunye bomusa nokulunga kwecebo lensindiso futhi eluphawu olufanele lwesihlalo sikaNkulunkulu esikhulu, ememezela igama Lakhe “njengogcwele isihe nomusa, ophuza ukuthukuthela, ovame ubumnene neqiniso,” (Eksodusi 34:5-7). 16 **Isitsha semana** (Heberu 9:4). Kwakuyisikhumbuzo sokuhlinzekela lapho enisa isinkwa kubantu Bakhe ehlane ukulondoloza ukuphila kwabo (Eksodusi 16:32, 33). Kanjalo, namuhla, unakekelo lwakhe, uNkulunkulu usinisela imisebe eyigugu yokukhanya kumbuzo wokudla ofakazela isibusiso kubo bonke abazamukelayo. 17 Njengoba sabelana ngokukhanya, iminyango izovulelwa ukushumayelwa kwevangeli. Ngakho-ke, isigijimi sokuphila kufanele sibe yisandla sokudla sesigijimi sengelosi yesithathu.18 **Induku kaAroni** eyahlumayo (Heberu 9:4). Kwakuyisikhumbuzo senhlonipho yohlobo lohlelo lobuholi uNkulunkulu abumisile ngebandla Lakhe. 19

Indlu engcwele yasemhlabeni nenkonzo yemifanekiso yamiswa okwesikhashana nguNkulunkulu ukufundisa uIsrayeli nathi uhlelo lwenkonzo yemihlatshelo, icebo lensindiso eliphelele neliphelelisiwe nenkonzo kaKristu endaweni engcwele yasezulwini.

Ukufa kukaKristu esiphambanweni kwahlangula indawo engcwele yasemhlabeni yezinkonzo zemihlatshelo futhi kanjalo alusekho uphawu oluqhubekayo namuhla (Kolose 2:14; Heberu 9:8-14).

UBUPRISTI

Kukhona umehluko ophawulekayo phakathi kobupristi bukaJesu uma bulinganiswa nobupristi basemhlabeni.

UNkulunkulu wakhetha isizwe sakwaLevi ukukhonza ngobupristi kwitabanakeli lasemhlabeni (Numeri 1:50; Eksodusi 28:1; Levi 21:17-23). Kodwa uJesu ubengeke abe ngumpristi omkhulu emhlabeni, “ngokuba kusobala ukuthi iNkosi yethu ivela kuJuda; isizwe uMose angakhulumanga ngaso ngobupristi” (Heberu 7:14). Umpristi omkhulu okhethwa kubantu (Heberu 5:1). Ukuba uJesu abe ngumpristi omkhulu wabantu ezulwini, Yena “akahlangulisi izingelosi, kodwa uhlangulisa inzalo kaAbrahama” (Heberu 2:16). Ngokungafani nobupristi bamaLevi, ubupristi bukaJesu ngokukaMelkisedeki abunasiqalo sezinsuku nokuphela kokuphila (Heberu 7:3).

Izehlakalo ezimbili eziphawula ukuguqulwa kobupristi basemhlabeni ukuya kobasezulwini. Lapho uKristu ebethelwa esiphambanweni, “**ukudabuka kweveyili** lethempeli okubonisa ukuthi imihlatshelo yamaJuda nezinkonzo angeke zisamukelwa.” 20 “Ngokuklebhula ingubo yakhe, [uKayifasi] wazisusa ngokwakhe ukuba ngumfanekiso wesimilo. Akazange esamukelwa uNkulunkulu njengompristi ophethe.” 21

IMIHLATSHELO YANSUKU ZONKE

Izinkonzo zemihlatshelo yansuku zonke bezenziwa egcekeni nasendaweni engcwele zikhomba phambili umhlatshelo kaMesiya esiphambanweni. Owonayo kwakufanele alethe isilwane esincane esingenasici (iwundlu) njengomnikelo wesono. Iwundlu (Eksodusi 12:21) elifanekisa uJesu iWundlu likaNkulunkulu elisusa izono zezwe (Johane 1:29; 1 Korinte 5:7). Isoni sasibeka izandla zaso ekhanda lesilwane lapho sivuma izono zaso sona ngokwaso sibulale isilwane.

Umpristi athabathe igazi laso, alifafaze ezimpondweni zealtare athuthulule eliseleyo ngasesinqeni sealtare noma alifafaze phambi kwesihenqo phambi kwealtare lempepho endaweni engcwele noma adle inxenye yomnikelo ngaphambi kokuba angene endaweni engcwele. Yonke inkonzo yayikhomba ukudluliselwa kwezono zisuka kwisoni ziyiswa endaweni engcwele (Heberu 9:6; Levi 4:3, 7, 22, 23; 6:10; 10:17, 18).

Njengoba umpristi engena ekuseni nantambama endaweni engcwele ngesikhathi sempepho, imihlatshelo yansuku zonke yayilungele ukunikelwa phezu kwealtare egcekeni ngaphandle… [Inhlangano] yayihlangana ngomkhuleko, ubuso bayo bubheke endaweni engcwele. Kanjalo izicelo zayo ziyenyuka ngefu lempepho, lapho ukholo lubambelela ngokuqinile phezu kokufaneleka koMsindisi othenjisiwe owandulela ngomhlatshelo wokubuyisana.” 22

“Izono zakwaIsrayeli kanjalo zazidluliselwa endaweni engcwele, izindawo ezingcwele zazingcoliswa, nomsebenzi okhethekile wokususwa kwezono wawubalulekile. UNkulunkulu wayala ukuthi ukubuyisana kwenziwe ngomnikelo owenzelwa igumbi ngalinye elingcwele, ‘ngokuhlanza ialtare, ulingcwelise ekungcoleni kwabantwana bakwaIsrayeli.’“ 23

USUKU LOKUBUYISANA

Usuku lokubuyisana (Yom Kippur) usuku lweshumi enyangeni yesikhombisa kaTishrei (phakathi kuka Mandulo noMfumfu) futhi luhlala lungusuku olungcwele kwikhalenda yamaJuda (Levi 23:27).

“Kanye ngonyaka, ngoSuku olukhulu lokuBuyisana, umpristi ungena endaweni engcwele ngcwele ukuhlanza indawo engcwele. Umsebenzi owenziwa lapho wawuphelelisa inkonzo yonyaka (Heberu 9:7).” 24

“Wonke umuntu kwakufanele athobise umphefumulo wakhe ngesikhathi umsebenzi wokubuyisana uqhubekela phambili. Yonke eminye imisebenzi yayibekelwa eceleni, nenhlangano yonke yakwaIsrayeli yayichitha usuku ngokuzithoba okunesizotha phambi kukaNkulunkulu, ngomkhuleko, ukuzila ukudla, nokuhlola inhliziyo okujulile…Bekhonza ‘okungumfanekiso nesithunzi sokwasezulwini’ (Heberu 8:5).” 25

UMSEBENZI KAKRISTU ENDAWENI ENGCWELE

Emva kokwenyuka kukaKristu ezulwini, waqala umsebenzi Wakhe njengoMpristi wethu Omkhulu. “Iminyaka engamasentury ayishumi nesishiyagalambililomsebenzi wokukhonza uqhubeka egumbini lokuqala lendlu engcwele. Igazi likaKristu linxusela amakholwa aphendukile, athola ukuthethelelwakanye nokwamukelwa nguBaba, nokho izono zabo zihlala ezincwadini zemibiko.” 26

UMSEBENZI WOKWAHLULELA KOKUHLOLISISA

“Lapho ukuhlanzwa okungokomfanekiso kwasemhlabeni kufezeka ngokususwa kwezono ezithe zalingcolisa, kanjalo ukuhlanzwa ngempela kwasezulwini kumele kufezeke ngokususwa kwezono, noma ukuhlangulwa, kwezono ezilotshiwe. Kodwa ngaphambi kokuba lokho kufezeke, kufanele kubekhona ukuhlolisisa kwezincwadi zemibiko ukunquma ukuthi ngubani, ngenxa yokuphenduka esonweni nangokukholwa kuKristu, banelungelo lenzuzo lokubuyisana. Ukuhlanzwa kwendawo engcwele kanjalo kuhlanganisa umsebenzi wokwahlulela kokuhlolisisa. Lomsebenzi kufanele wenziwe ngaphambi kokuza kukaKristu ukuhlenga abantu Bakhe.” 27

“Ngosuku olukhulu lokubuyisana kokugcina nokwahlulela kokuhlolisisa amacala kuphela abhekwayo awalabo abazishoyo ukuthi bangabantu bakaNkulunkulu [1 Peter 4:17]. Ukwahlulelwa kwababi ngumsebenzi wawugqamile futhi wahlukile, uzokwenzeka esikhathini samuva.” 28

“Ngesikhathi esimisiwe sokwahlulela-ukuphela kwezinsuku ezingu 2300, ngonyaka ka1844-waqala umsebenzi wokuhlolisisa nokuhlangulwa kwezono. Bonke abathathela kubo kubo igama likaKristu bazodlula ekuhlolisisweni. Bonke abaphilayo, nabafileyo kufanele bahlulelwe ‘ngezinto zonke okubhalwe ezincwadini, ngokuya ngemisebenzi yabo.’“ 29

“Izincwadi zemibiko ezulwini, amagama abo nezenzo zabantu zibhaliwe, kufanele anqume isigwebo sokwahlulelwa…

“**Incwadi yokuphila** iqukethe amagama abobonke abake bahlanganyela enkonzweni kaNkulunkulu … [Luka 10:20, Filiphu 4:3; Daniyeli 12:1; Isambulo 21:27.]

“Incwadi yokukhumbula ibhalwa phambi kukaNkulunkulu, lapho kubhalwa khona izenzo ezinhle ‘zalabo abesabayo uJehova, bezindla ngegama Lakhe’ (Malaki 3:16); Nehemiya 13:14)….Zonke izenzo zokulunga azikhohlwa.

“Kukhona **incwadi** futhi **yezono zabantu**.” 30 Zonke izenzo ezimbi, wonke amazwi ayize akhulunywayo azokwhlulelwa (Umshumayeli 12:14; Mathewu 12:36, 37; 1 Korinte 4:5; Isaya 65:6, 7).

“Izono ezingavunywanga futhi zadelwa angeke zathethelelwa futhi angeke zasulwa ezincwadini zemibiko, kodwa zizokuma zibe ngufakazi omelene nesoni ngosuku lukaNkulunkulu…Isono uma singefihlwa, senqatshwe, sembozwe kuubaba angasiboni, kumama, kunkosikazi, kubantwana, nakubangani; akukho noyedwa ngaphandle kwabadlali abanecala abangazwakalisi ukuzisola okuncane kokubi, kodwa kusobala phambi kwezihlakaniphi zezulu….UNkulukulu unombiko oqondile lakho konke ukulandisa okungalungile nezenzo ezip-hambukile.” 31

“Umsebenzi womuntu ngamunye udlula ngokuhlolwa phambi kukaNkulunkulu futhi kulotshiwe ngenxa yokuthembeka noma ukungathembeki. Eduze kwegama ngalinye ezincwadini zezulu kuyalotshwa ngobuqotho obesabekayo lonke ilizwi eliphambukile, sonke isenzo sobugovu, wonke umsebenzi ongenziwanga, nesono ngasinye esifihlakele, nokuzenzisa okunobuqili.” 32 “Unesizotha kangakanani umcabango! Usuku nosuku, ukuya ephakadeni, luthwele umthwalo wemibiko wezincwadi zezulu…izenzo zethu, amazwi ethu, ngisho nesekuqodile okufihlakele kakhulu….noma zingabonakala sizikhohlwa thina, zizothela izithelo zobufakazi bokuzithethelela noma ukulahlwa.” 33

UKRISTU UNGUMMELI WETHU ENDAWENI ENGCWELE NGCWELE

“Kepha uma umuntu ona, sinoMmeli kuYise, uJesu Kristu olungileyo.” (1 Johane 2:1). Bheka futhi kuHeberu 9:24.

“Njengoba izincwadi zemibiko zivulwa ekwahlulelweni, ukuphila kwabo bonke abakholwa kuJesu kuza ekuhlolweni phambi kukaNkulunkulu. Kuqala kulabo abaphila kuqala emhlabeni, uMmeli wethu uletha amacala abo ngamunye izizukulwane ngokulandelana kwazo, agcine ngabaphilayo. Igama ngalinye liyabizwa, icala ngalinye lihlolisiswa kakhulu. Amagama ayamukelwa, amagama ayenqatshwa. **Uma kukhona izono ezigcinwe ezincwadini zemibiko, zingavunywanga noma zingathethelelwanga, amagama abo azosulwa encwadini yokuphila**, nombiko wezenzo zabo ezinhle uzosuswa encwadini yokukhumbula kaNkulunkulu….

“Bonke labo abaphenduke ngempela esonweni, ngokukholwa bebiza igazi likaKristu njengomhlatshelo wabo wokubuyisana, bathole ukuthethelelwa kwalotshwa eduze kwamagama abo ezincwadini zezulu; njengoba bangabahlanganyeli bokulunga kukaKristu, **nezimilo zabo zitholakala zivumelana nomthetho kaNkulunkulu, izono zabo zizohlangulwa,** bona ngokwabo bazobalelwa njengabafanele ukuphila okuphakade.” [Isaya 43:25; Isambulo 3:5; Mathewu 10:32, 33.] 34

UKUZIPHENDULELA KWETHU OKUBALULEKILE

Ukuqonda kwethu ngempela umsebenzi wokwahlulela kokuhlolisisa udinga ukuthi thina senze ngokunqumayo maqondana nensindiso.

“Bonke amagama abo azogcinwa encwadini yokuphila manje, ezinsukwini ezimbalwa ezisele zomusa wabo, mabathobise imiphefumulo yabo phambi kukaNkulunkulu ngokudabukela isono nokuphenduka kweqiniso. Kufanele kubekhona ukujula, ukuhlola kwenhliziyo ngokuthembeka. Ukukhanya, umoya ongenasisindo othokozelwa ngamaKrestu amaningi azishoyo kufanele ususwe.’ 35

Kufanele sifeze ukusindiswa kwenu ngokwesaba nangokuthuthumela. (Filiphu 2:12.) “Uma umsebenzi wokuhlola kokuhlolisisa uvalwa, isiphelo sabobonke sizobe sinqunyelwe ukuphila noma ukufa. Umusa uphelile okwesikhashana ngaphambi kokubonakala kweNkosi ngamafu ezulu. UKristu….uthi: ‘Ongalungile makenze njalo ukungalungi, nongcolileyo makazingcolise njalo, kepha olungileyo makenze njalo ukulunga, nongcwele makazingcolise njalo. Bheka, ngiyeza masinyane, nomvuzo wami-unami, ukumnika yilowo nalowo njengokomsebenzi wakhe.’ Isambulo 22:11, 12.” 36

ISIPHETHO

“Abalungile nababi bazobe bephila emhlabeni kwisimo sabo sokufa-abantu bazobe betshala futhi bakha, bedla bephuza, bonke bengazi ukuthi ukugcina, isinqumo esingenakuguqulwa sithe samenyezelwa endaweni engcwele yasezulwini….Ngokuthula, nangokungabonwa njengesela ebusuku, ihora elinqumayo eliphawula amabala okulungisa isiphelo somuntu ngamunye, ukususwa kokugcina komusa onikelelwe abantu abonayo.

“‘Ngakho lindani: …funa ifike ngokuzuma, inifumane nilele’ (Marako 13:35, 36). **Ingozi isimo salabo, abakhathala ukuba balinde, baphendukele kokukhangayo kwelizwe.** Lapho usomabhizinisi ecwilile ekulandeleni inzuzo, lapho othanda injabulo efuna ukuzijabulisa, lapho indodakazi ethanda imfashini ilungisa ukuhloba kwakhe-hleze kube yilelo hora loKwahlulela komhlaba wonke ezomemezela isigwebo esithi: ‘Ulinganisiwe esilinganisweni, ufunyenwe ulula.’ Daniyeli 5:27.” 37

Kuze kube yilapho uNkulunkulu esebhubhisile umsunguli wesono, uma abanu bakaNkulunkulu bezibheka njengebakhululekile emthwaleni wesono. **Manje yisikhathi sokuzithobisa, ukuhlola izinhliziyo zethu ngokujulile futhi sithandazele ngobuqotho ukwesulwa kwezono zethu esikhundleni sokwesulwa kwamagama ethu encwadini yokuphila**, Amen.

Okuphathelene

1. *Maranatha*, p, 93.
2. *Selected Messages,* bk. 1, p. 270.
3. *God’s Amazing Grace,* p. 161.
4. *The Great Controversy,* p. c. 2. [1888 okucindezelwe.]
5. *The Faith I Live By,* p. 75.
6. *Patriachs and Prophets, p. 63.*
7. *Evangelism,* p. 221.
8. *The Faith I Live By,* p. 202.
9. *Patriachs and Prophets,* p. 343.
10. Haskel, S. N. *The Cross and Its Shadow,* pp. 176, 178.
11. Ibid., pp. 129, 130.
12. Ibid., p. 179.
13. Ibid., 56.
14. *Testimonies for the Church,* vol. 4, p. 157.
15. *Reflecting Christ,* p. 46.
16. *God’s Amazing Grace,* p. 69.

17. Counsels on Diet and Foods, p. 269.
18. Counsels on Health, p. 219.
19. Patriachs and Prophets, p. 353.
20. Early Writings, pp. 259, 260.
21. The Desre of Ages, p. 709.
22. Patriachs and Prophets, p. 353.
23. Ibid., p. 355.
24. Ibid.
25. Ibid.
26. The Great Controversy, p. 421.
27. Ibid.
28. Ibid., p. 480.
29. Ibid., p. 486.
30. Ibid., pp. 480, 481.
31. Ibid., p. 486.
32. Ibid., p. 482.
33. Ibid., pp. 486, 487.
34. Ibid., p. 483.
35. Ibid., p. 490.
36. Ibid.
37. Ibid., p. 491

NGOLWESIHLANU, ZIBANDLELA 13, 2024

IZIKHATHI ZOKUHLUNYELELWA

NGU A. C. SAS – AUSTRALIA

IMibhalo Engcwele isifundisa ngokusobala ukuthi “Konke kunesikhathi sakho, yonke indaba inomzuzu wayo phansi kwezulu” (Umshumayeli 3:1). Kanjalo “ukuhlunyelelwa” kunesikhathi okuzogcwaliseka ngaso.

Igama elithi “ukuhlunyelelwa” lalisetshenziswa eMpumalanga libhekiswe kwimvula ewela emhlabeni ngaphambi kwesivuno sokugcina samabele. Futhi beyaziwa ‘njengemvula yamuva.”

“Empumalanga imvula yokuqala beyehla ngesikhathi sesivuno sokuqala. Yayibalulekile ukuze imbewu imile. Ngaphansi komfutho wezihlambi zokuvundisa, ukuhluma okumnene kwentwasahlobo. Imvula yamuva, ena ekupheleni kwesikhathi, evuthisa amabele futhi nokulungisa isikela. UNkulunkulu usebenzisa lezinhlelo zemvelo ukufanekisa umsebenzi kaMoya Ongcwele.” 1

Umprofethi uZakariya kwiTetamende Elidala okwenziwe maqondana nokuna kuphela kwemvula yamuva, kodwa nesidingo sabantu bakaNkulunkulu ukuba bakhuleke bacele ukuthululwa kwayo ngesikhathi esifanele.

“Celani kuJehova imvula ngesikhathi semvula yamuva, uJehova owenza imibane, abesebanika izihlambi zemvula, yilowo nalowo aphiwe utshani ezweni lakhe” (Zakariya 10:1).

KwiTestamende Elisha umpostoli uPeter naye uyafakaza “ngokuhlunyelelwa,” uma ebingelela entshumayelweni yakhe kwizixuku ezazihlangene ndawonye ngosuku lwePentekoste. Ngaleso sikhathi babembathiswe amandla amakhulu avela ezulwini. UMoya Ongcwele wawuthululwe ngobuningi. Amava ababanawo bawabiza ngokuthi “imvula yokuqala,” noma “imvula yaphambili.”

“Njengoba ‘imvula yokuqala’ yanikezwa, ekuthululweni koMoya Ongcwele ekuvulweni kwevangeli, ukwenza kuhlume imbewu eyigugu, kanjalo, ‘imvula yamuva’ izonikezwa ekuvalweni ukuvuthisa isivuno.” 2

Lapho umpostoli uPeter ekhuluma “ngezikhathi zokuhlunyelelwa” wenza kwabasobala ukuthi amanyathelo abalulekile okumele athathwe ngaphambi kokugcwaliseka kwesehlakalo, njengoba aphathwa kwizifundo zeViki Lomkhuleko agxile kumavesi eBhayibheli: “Phendukani, niguquke, ukuba kuhlangulwe izono zenu, ukuze kufike izikhathi zokuhlunyelelwa ezivela ebusweni beNkosi; nokuba ithume uKristu Jesu enimmiselweyo” (Izenzo 3:19, 20).

Sinemicijo emihlanu ebalulekile:

a) Phendukani
b) Niguquke
c) Ukuhlangulwa kwezono
d) Izikhathi zokuhlunyelelwa

e) Ukuza kukaJesu

UKUPHENDUKA

Ukuphenduka kweqiniso kuzoholela umuntu ukuba abone isono sakhe futhi asivume. Isibonelo ezwini likaNkulunkulu sokuphenduka kweqiniso nokuthotshiswa sembula umoya wokuvuma izono laphokuingekho izaba zesono noma ukuzama ukuzithethelela. UPawule akazange afune ukuzivikela; wapenda isono sakhe ebumnyameni baso, engazami ukunciphisa icala lakhe." 3

Umpostoli uJohane uyabhala, "Uma sithi asinasono, siyazikhohlisa, neqiniso alikho kithi, uma sizivuma izono zethu, uthembekile, ulungile ukuba asithethelele izono, asihlambulule kukho konke ukungalungi" (1 Johane 1:8, 9). Lesi isithembiso esimangalisayo: uma sizivuma izono zethu, siyathethelelwa futhi siyahlanzwa.

UKUGUQUKA

Emva kokuphenduka nokuvuma izono zethu siyamenywa ukuba siguquke. Inguquko ukuphenduka kuyithuba eliphelele elingu-180% ezimpilweni zethu, sithathe indlela ehlukile. INkosi isimema ukuba sifulathele umhlaba siye Kuye, ngokuzithandela, kungabi ngokucindezela:

"Kepha manje, usho uJehova phendukelani kimi ngenhliziyo yenu yonke, nangokuzila ukudla, nangokukhala, nangokulila, niklebhule inhliziyo yenu, hayi izingubo zenu, niphendukele kuJehova uNkulunkulu wenu, ngokuba yena unomusa, unobumnene, wephuza ukuthukuthela, unesihe esikhulu, uhawukela nomubi" (Joweli 2:12, 13).

"Inguquko izobonakala esimilweni, imikhuba, esikulandelayo." 4

Lena akuyona intuthuko encane ekuphileni kwesimoya kodwa inguquko ephelele.

"Abukho ubufakazi bokuphenduka kweqiniso ngaphandle kokuthi kusebenze ubulungisa. Uma ebuyisela lokho, abekuphangile, evuma izono zakhe, ethanda uNkulunkulu nabanye abantu, isoni singaqiniseka ukuthi sidlulile ekufeni sangena ekuphileni." 5

UKUHLANGULWA KWEZONO

Njengoba sibonile phakathi kweViki Lomkhuleko, yizono kuphela ezivunyiwe zadelwa ezizohlangulwa, noma zisuswe encwadini yokuphila, ukusulwa kwezono kufanele kwenziwe ngaphambi kokuba samukele "ukuhlunyelelwa"-"imvula yamuva."

"Umsebenzi omkhulu wevangeli akufanele ubonakaliswe kancane ngamandla kaNkulunkulu aphawula ukuvulwa kwawo. Iziprofetho ezagcwaliseka ekuthululweni kwemvula yokuqala ekuqaleni kwevangeli, zizophinda zigcwaliseke futhi ngemvula yokugcina ekuvaleni kwawo. Lapha 'izikhathi zokuhlunyelelwa' lezo umpostoli uPeter azibhekela phambili uma ethi, 'Phendukani, niguquke, ukuba kuhlangulwe izono zenu [Ekwahluleleni Kokuhlolisisa], lapho izikhathi zokuhlunyelelwa zifika ebusweni beNkosi; izakuthumela uJesu.'" 6

UKULUNGISELELAIMVULA YAMUVA

Uma imvula yokuqala eyawa ngosuku lwePentekoste abapostoli abaningi babebuthene ndawonye ekamelweni eliphezulu. Kuyini ababekwenza izinsuku ezilishumi-na? IBhayibheli liyasitshe:

“Bonke laba baqinisela nganhliziyo-nye ekukhulekeni kanye nabesifazane, noMariya unina kaJesu, nabafowabo” (Izenzo 1:14).

“Lezinsuku zokulungisela bekuyizinsuku zokuhlola ngokujulile inhliziyo. Abafundi bazizwa benesidingo bakhala eNkosini ngokugcoba umoya kwakumele ukufanela umsebenzi wokusindisa umphefumulo. Abazange bacele izibusiso ezingezabo kuphela. Babesindwa umthwalo wokusindisa imiphefumulo.” 7

Lokhu kwagcwaliseka ku Izenzo 2:1-4.

“Isithembiso soMoya Ongcwele ayilinganiselwanga kunoma ngesiphi isikhathi noma isizwe esithile. UKristu wamemezela ukuthi umfutho ongcwele woMoya Wakhe kwakufanele ube kubalandeli kuze kube sekupheleni. Kusukela ngoSuku lwePentekoste kuze kube namuhla, uMduduzi uthunyelwe kubo bonke abazinikela ngokuphelele eNkosini nasemsebenzini Wakhe.” 8

Ngaphandle komcijo wokuthi uMoya Ongcwele siwuphiwe namuhla ngesilinganiso esithile, ukusifundisa ukusiholela kulolonke iqiniso, isithembiso semvula yamuva siyadingeka ukuqeda umsebenzi kaNkulunkulu, ukuvalwa kokumenyezelwa kwevangeli laphakade. Futhi lesithembiso sizogcwaliseka:

“Kuyakuthi ngasemuva ngithulule uMoya wami phezu kwayo yonke inyama; amadodana enu namadodakazi enu ayoprofetha, abadala benu baphuphe amaphupho, izinsizwa zenu zibone imibono: naphezu kwezinceku nezincekukazi ngalezo zinsuku ngiyakuthulula uMoya wami” (Joweli 2:28, 29).

“Uma sifunda izwi “kamuva” encwadini kaJoweli siyaqonda, ukuthi umsebenzi wezinsuku zokugcina kufanele ugcwaliseke ngaphambi kokuba uMoya Ongcwele unikelwe kithi ngesilinganiso esikhulu. Kwivesi elingaphambili kuJoweli 2, isiprofetho senze wabasobala umsebenzi ozokwenziwa ngaphambi kwemvula yamuva:

“Buthani abantu, ningcwelise ibandla, niqoqe abadala, nibuthe izingane nabancelayo; umyeni makaphume ekamelweni lakhe, nomakoti emgoqweni wakhe. Abapristi, izikhonzi zikaJehova, mabakhale phakathi kompheme nealtare, bathi: Hawukela abantu bakho, Jehova, unganikeli isabelo sakho sibe yinhlamba, ukuze abezizwe bababhinqe; yini ukuba basho-phakathi kwabantu, bathi: Uphi uNkulunkulu wabo-na? UJehova wayesehawukela izwe lakhe, wabahawukela abantu bakhe” (Joweli 2:16-18).

Akukho namunye ozothola “ukuhlunyelelwa,” noma “imvula yamuva,” uma izono zakhe zingahlangulwanga, noma zesulwa. Kodwa, kubuhlungu ukuthi, abaningi balindele ukwamukela isibusiso esikhulu besesimeni sabo sokona, bengaphendukanga futhi bengaguqukanga, balindele ukuthi ngesikhathi semvula yamuva bazolungiswa. Indaba yabanjalo ayinalo ithemba, njengoba sizofunda ezincwadini ezilandelayo:

“Ngabona ukuthi abaningi abanaki ukwenza amalungiselelo adingekayo kakhulu futhi balindele isikhathi ‘sokuhlunyelelwa’ kanye ‘nemvula yamuva’ baze balungele ukuma ngosuku lweNkosi futhi baphile phambi Kwakhe. Maye, bangakhi engababona ngesikhathi sohlupho bengenaso isivikelo! Abanakanga isidingo sokulungiselela; ngakho-ke abazange bamukele ukuhlunyelelwa lokho bonke okumele babenakho ukuze balungele ukuphila phambi kobukhona bukaNkulunkulu ongcwele….Ngabona ukuthi akekho owabelana ‘nokuhlunyelela’ ngaphandle kokuthi bathole ukunqoba phezu konke ukuphazamiseka, ukugabisa, nawo wonke amazwi nezenzo eziphambukile.” 9

“Labo abaphuza ukungisela usuku lukaNkulunkulu angeke bakuthola ngesikhathi sohlupho noma kwenzeke kamuva. Indaba yabo bonke abanjalo ayinathemba.” 10

“Usuku nosuku kufanele sifune ukukhanyiselwa koMoya kaNkulunkulu, ukuze senze umsebenzi wehovisi phezu komphefumulo nesimilo. Maye, isikhathi esingakanani esichithiwe ngokunaka izinto eziyize. Phendukani niguquke, ukuba kuhlangulwe izono zenu, ukuze kufike izikhathi zokuhlunyelelwa ezivela ebusweni beNkosi.” 11

“Namuhla kufanele isitsha sakho sihlanzwe ukuze ulungele amazolo asezulwini, ulungele izihlambi zemvula yamuva; ngoba imvula yamuva izofika, nesibusiso sikaNkulunkulu sizogcwalisa wonke umphefumulo othe wahlanzwa kukho konke ukungcola. Ngumsebenzi wethu namuhla ukunikela imiphefumulo yethu ilungele isikhathi sokuhlunyelelwa esivela ebusweni beNkosi-ilungele ukubhapathizwa ngoMoya Ongcwele.” 12

IMVULA YAMUVA IZOTHULULWA:

“Ngaphambi kokuhambela kokugcina kwezahlulelo zikaNkulunkulu emhlabeni kuzobakhona phakathi kwabantu beNkosi imvuselelo enjalo yokwesaba uNkulunkulu yakudala engakaze ibonwe kusukela ezikhathini zabapostoli. UMoya namandla kaNkulunkulu kuzothululwa phezu kwabantwana Bakhe.” 13

“Njengamalunga omzimba kaKristu sisondela esikhathini sempi yokugcina, ‘isikhathi sohlupho lukaJakobe,’ bazokhulela kuKristu, futhi bahlanganyela kakhulu kuMoya Wakhe. Njengoba isigijimi sengelosi yesithathu sikhula ngezwi elikhulu, futhi njengoba amandla nenkazimulo zengamela umsebenzi wokugcina, abantu abathembekile bakaNkulunkulu bazohlanganyela kuleyo nkazimulo. Kuyimvula yamuva evuselelayo futhi ibanika amandla okudlula esikhathini sohlupho. Ubuso babo buzokhazimula ngenkazimulo yokukhanya okwengamela ingelosi yesithathu.” 14

“Jabulani, bantwana baseSiyoni, nithokoze kuJehova uNkulunkulu wenu, ngokuba uninika imvula yokuqala ngokulunga, unehlisela imvula, eyokuqala neyamuva, ngenyanga yokuqala” (Joweli 2:23).

“Kuyakuthi ezinsukwini zokuphela, kusho uNkulunkulu, ngiyakuthulula uMoya wami phezu kwayo yonke inyama, amadodana enu namadodakazi enu ayakuprofetha, izinsizwa zenu zibone imibono, abadala benu baphuphe amaphupho; yebo, naphezu kwezinceku zami nezincekukazi zami, ngiyakuthulula uMoya wami ngaleyomihla, ziyakuprofetha” (Izenzo 2:17, 18).

“Ekuqaleni kwesikhathi sohlupho, sagcwaliswa ngoMoya Ongcwele njengoba siqhubekela phambili ukumemezela iSabatha ngokugcwele.” 15

“Ukuqala kwaleso sikhathi sohlupho,’ okukhulunywa ngaso lapha akubhekiswa esikhathini lapho izinhlupho ziyoqala ukuthululwa khona, kodwa esikhathini esifushane ngaphambi nje kokuba zithululwe, kuyilapho uKristu esendaweni engcwele. Ngaleso sikhathi, lapho umsebenzi wokusindisa ufinyelela ekugcineni, izinhlupho zizofikela umhlaba, futhi izizwe zizothukuthela, nokho, zizobanjwa ukuze zingavimbeli umsebenzi wengelosi yesithathu. Ngaleso sikhathi kuyakufika imvula yamuva noma ukuhlunyelelwa okuvela ebusweni beNkosi, ukuze inike amandla ezwini elikhulu lengelosi yesithathu, ilungise abangcwele ukuba beme ngesikhathi sokuthululwa kwezinhlupho eziyikhombisa zokugcina.”16

“Abantu bakaNkulunkulu bawufezile umsebenzi wabo. Bayamukele ‘imvula yamuva,’ ‘ukuhlunyelelwa okuvela ebusweni beNkosi,’ futhi balungele ihora elivivinyayo eliphambi kwabo. Izingelosi ziyaphuthuma ukwehla nokwenyuka ezulwini. Ingelosi evela emhlabeni

imemezela ukuthi umsebenzi wayo uphelile; isilingo sokugcina silethwa phezu komhlaba, futhi bonke abafakazela ukuthembeka ezimisweni ezingcwele batholile 'uphawu lukaNkulunkulu ophilayo.' Manje uJesu unqamula ukulamula Kwakhe endaweni engcwele yasezulwini." 17

AMAVA ABUTHELWE NDAWONYE

Njengoba sifunda imibhalo equkethe izithembiso ezimangalisayo zikaNkulunkulu ngokubeka phezu kwethu uMoya Ongcwele ngokugcwala, kufanele sizwisise ukuthi ngesikhathi semvula yokuqala amandla oMoya Ongcwele anikezwa bebuthene ndawonye kulabo "babemoya munye endaweni eyodwa." Ngesikhathi semvula yamuva amava abantu bakaNkulunkulu kufanele abe ngafanayo. Ivesi eBhayibhelini kuZakariya lithi:

"Celani kuJehova imvula ngesikhathi semvula yamuva, uJehova owenza imibani; abesebenika izihlambi zemvula" (Zakariya 10:1).

EBhayibhelini sifunda kaningi ngalevesi, futhi sigcizelela ngamandla emazwini alo: "Celani kuJehova imvula ngesikhathi semvula yamuva," bese sikhohlwa inxenye yokugcina yevesi ethi abesebanika izihlambi zemvula" yilowo nalowo aphiwe utshani ezweni lakhe." Lamazwi okugcina akhombisa ukuthi wonke umuntu osensimini (ebandleni), ngalesosikhathi kufanele abe yibandla elihlanzekile, uzothola imvula yamuva. Labo abathe banganaka ukulungisela kwabo izibusiso zemvula yamuva angeke batholakala phakathi kwabo. Bazosuswa phakathi kwensali yabantu bakaNkulunkulu ngokuthintitheka okukhulu. IBhayibheli elingcwele likhulume kwabasobala:

"UNkulunkulu uthintitha abantu Bakhe. Uzakuba nebandla elihlanzekile nelingcwele. Angeke safunda inhliziyo yomuntu. Kodwa iNkosi inikezile izindlela zokugcina ibandla lihlanzekile.' 18

"Abanye bathe bathintitheka endleleni. Abanganaki nabangenandaba, abangazange bahlangana nalabo ababethanda ukunqoba nensindiso ngokwanele ukuba baphikelele futhi bahlupheke ngakho, abazange bakuthole, futhi bashiywa ebumnyameni, nezindawo zabo ngokushesha zagcwala abanye ababamba iqiniso futhi bangena ohlwini." 19

UKUZA KUKAJESU

"Ngokuba umusa kaNkulunkulu wokusindisa ubonakalisiwe kubantu bonke; uyasifundisa ukuba sidele ukungakholwa nezinkanuko zezwe, sihambe ngokuqonda, nangokulunga, nangokumesaba uNkulunkulu kulesisikhathi samanje, sibheka ithemba elibusisiweyo nokuvela kwenkazimulo kaNkulunkulu, omkhulu noMsindisi wethu uJesu Kristu" (Thithu 2:11-13).

"Lapho isimilo soMsindisi sizofanekiswa ngokuphelele ebantwini Bakhe, uzobuya azothatha okungoKwakhe. Kuyilungelo loMkrestu ngamunye, ukuthi angabheki kuphela, kodwa kufanele asheshisa ukuza kweNkosi yethu." 20

"Khona kuyakubonakala ezulwini isibonakaliso seNdodana yomuntu, bese-zikhala izizwe zonke zomhlaba, zibone iNdodana yomuntu iza emafwini ezulu, inamandla nenkazimulo enkulu. Iyakuthuma izingelosi zayo ngokukhala okukhulu kwecilongo, zigoqe abakhethiweyo bayo emimoyeni yomine, kusukela emkhawulweni omunye wezulu kuze kube-komunye" (Mathewu 24:30, 31).

"Kepha nxa iNdodana yomuntu iza ngenkazimulo yayo nezingelosi zonke ezingcwele kanye nayo, khona izakuhlala esihlalweni sayo senkazimulo; kuzakubuthelwa phambi kwayo

izizwe zonke, ibahlukanise abanye kwabanye, njengomalusi ahlukanisa izimvu nezimbuzi, imise izimvu ngakwesokunene sayo kepha izimbuzi ngakwesokhohlo. Khona iNkosi izakuthi kwabangakwesokunene sayo: Zanini nina-enibusisiwe nguBaba, nidle ifa lombuso eniwulungiselweyo selokhu kwasekelwa umhlaba" (Mathewu 24:30, 31).

ISIPHETHO

Njengoba sifunda ngamava abafundi bokuqala ekuqaleni kohlelo lwamaKrestu lapho bamukela imvula yokuqala, singabona ukuthi labo ababesekamelweni eliphezulu bathola ukubhapathizwa ngoMoya Ongcwele behlangene. Amanye amalunga ebandla bawamukela kamuva, ngabanye.

Kungenzeka yini esikhathini sethu futhi-na? Imvula yamuva kukhulunywa ngayo, futhi sithe sayikhulekela izikhathi eziningi, njengesehlakalo esizokwenzeka esikhathini esizayo. Sizogcwaliseka nini-na? Ingabe yiphutha leNkosi ukulibazeka ukwamukela lesibusiso esikhulu-na? IBhayibheli liyasitshela ukuthi: "Uma-nina eningababi nikwazi ukubapha abantwana benu izipho ezinhle, kakhulu kangakanani uYihlo osezulwini uzakubapha abacela kuye-uMoya Ongcwele." (Luka 11:13).

Emavikini ambalwa, abameli bebandla likaNkulunkulu lensali bazohlangana ndawonye. Ingabe uMoya Ongcwele uzothululwa phezu kwezithunywa emhlanganweni wengqungquthela yomhlaba ngo 2025-na? Ingabe isithembiso esimangalisayo semvula yamuva sizotholwa lapho-na? Bazalwane abathandekayo, masilungele isibusiso esikhulu. INkosi izosiza bonke abanesifiso sokubhapathizwa ngoMoya Ongcwele. UMoya wesiProfetho uyasiluleka:

"Izingelosi zikaNkulunkulu zibheka ukukhuliswa kwesimilo futhi zilinganisa ukufaneleka kokuziphatha. Umusa ufinyelela ekupheleni, futhi awukawulungeli. Maye, izwi lesixwayiso lingasha emiphefumulweni yethu! Lungani! Lungani!" 21

Njengenye yezinceku ezikanye nawe, ngifisa ukwenza isicelo kuwo wonke umuntu oza njengesithunywa kwingqungquthela yeGeneral Conference ngo 2025: Ngicela uye engqungqutheleni ungaphethe lutho, ningenawo umcabango osuvele ucatshangwe ngaphambili, nenze amalungiselelo aphelele, futhi yenza ukuthula noNkulunkulu nabantu, ube nonembeza ongenasici, futhi ulungele ukubhapathizwa ngoMoya Ongcwele. Owaziyo ukuthi isithembiso ebesilindelwe sizogcwaliseka yini. Nathi sonke, bazalwane, esingezona izithunywa, masihlole izimpilo zethu, sivume izono namaphutha ethu kuNkulunkulu nakwabanye, sicele intethelelo, ukuze kuhlangulwe izono zethu, sithandazele ukuphumelela kwengqungquthela, ukuze uJehova ahambele izinceku zakhe ngezihlambi zezibusiso ezinkulu uMoya wokuProfetha uyaseluleka:

"AmaKrestu mawadedise ukungezwani phakathi kwawo, bazinikele kuNkulunkulu ukusindisa okulahlekile. Ngokukholwa mabacele isibusiso, futhi sizoza. Ukuthululwa koMoya ngezinsuku zabapostoli bekuyi "mvulo yamuva," futhi inkazimulo kwaba ngumphumela. Kodwa 'imvula yamuva' izoba inala kakhulu." 22

"Namuhla kufanele uzinikele kuNkulunkulu, ukuze athulile umina, athulule umona, isihawu, ukucabangela okubi, ukuphikisana, nakho konke okudumaza uNkulunkulu. Namuhla kufanele uhlanze isitsha sakho ukuze silungele amazolo ezulu, ulungele izihlambi zemvula yamuva; ngoba imvula yamuva izofika, nezibusiso zikaNkulunkulu zizogcwalisa wonke umphefumulo ohlanziwe kukho konke ukungcola. Ngumsebenzi wethu namuhla ukunikela imiphefumulo yethu kuKristu, ukuze ilungele isikhathio sokuhlunyelela okuvela ebusweni beNkosi-ukulungela ukubhapathiswa koMoya Ongcwele." 23 Amen!

Okuphathelene

1. *Testimonies to Ministers,* p. 506.
2. *The Great Controversy,* p. 611.
3. *Steps to Christ*, p. 41.
4. Ibid., p. 57.
5. Ibid., p. 59.
6. *The Great Controversy,* pp. 611, 612. [1888 okucindezelwe.] [Words in brackets are in the original.]
7. *The Acts of the Apostles,* p. 37.
8. Ibid., p. 49.
9. *Early Writings,* p. 71.
10. *The Great Controversy,* p. 620.
11. *Ye Shall Receave Power,* p. 319.
12. *The Review and Herald,* Ndasa 22, 1892.
13. *The Great Controversy,* p. 464.
14. *The Review and Herald,* Nhlaba 27, 1862.
15. *Early Writings,* p. 33.
16. Ibid., pp. 85, 86.
17. *The Great Controversy,* p. 613.
18. *Testimonies for the Church,* vol. 1, p. 99.
19. *Early Writings,* p. 271.
20. *Maranatha,* p. 112.
21. *Testimonies for the Church,* vol. 2, p. 401.
22. *The Desire of Ages,* p. 827.
23. *God's Amazing Grace*, p. 205.

ISabatha, Zibandlela 14, 2024

UKUZA KUKA-JESU KRISTU

NGU MARCELO PONCE – GERMANY

“Sibheke ithemba elibusisiweyo nokuvela kwenkazimulo kaNkulunkulu omkhulu noMsindisi wethu uJesu Kristu” (Thithu 2:13).

“Elinye lamaqiniso anesizotha nokho akhazimula kakhulu embuliwe eBhayibhelini elokuthi ukuza kwesibili kukaKristu azoqedela umsebenzi omkhulu wokuhlenga. Kubantu bakaNkulunkulu abayizihambi, abashiywe isikhathi eside kangaka ukuba bagogobale esifundeni nasethunzini lokufa, ithemba eliyigugu, neliphefumulelwe, linikezwa ithemba eliyigugu, elijabulisayo eliphefumulelwe, linikezwa ithemba esithembisweni sokubonakala Kwakhe, okungukuvuka nokuphila, ukuletha ekhaya futhi abaxoshiweyo. Imfundiso yokuza kwesibili iyona kanye ingqingithi yoMbhalo Ongcwele.” 1

Bengingumntwana oneminyaka eyishumi nanye lapho ngangiya emhlanganweni nomndeni wami okokuqala. Lapho ngaqala ukuzwa okokuqala isigijimi esimangalisayo sokuza kukaJesu Kristu okwesibili emhlabeni; nezehlakalo ezinkulu ezembulwe eziprofithweni ezigcwalisekile ngendlela nangesikhathi esibikezelwe ngaphambili, zingubufakazi bokwazi ukubona lesosehlakalo kungekudala.

ISITHEMBISO SAKHE

Ngaphambi nje kokuba uJesu aye eGetsemane okokugcina ukuba akhuleke, wathi kubafundi Bakhe uzakubashiya ngoba umsebenzi Wakhe emhlabeni usufinyelele esiphelweni futhi uzakubuyela endaweni abakuyo, okwamanje, babengeke bahambe Naye. Ebona abafundi’ isimo semvelo sokudangala, noma ukulahlwa, uJesu wathi kubo: “Inhliziyo yenu mayingakhathazeki” (Johane 14:1). Lamazwi abanika ithemba, kubona, uJesu wayefisa ukunika ngamunye okholwayo isibindi sokuqonda ukuthi uyazazi zonke izimeko zempilo abadlula kuzo unakho konke okudingwa ngumphefumulo ukuba ube nokuthula. Wayesethi kubo: “Ekhaya likaBaba kukhona izindlu eziningi; uma bekungenjalo, bengiyanitshela ukuthi ngiya ukunilungisela indawo” (Johane 14:2).

Lezo zindlu zifanekisa ikhaya futhi lelikhaya yindawo lapho ngokuvamile sithola ukulondeka, ukuthula, kanye nentokozo. Lesithembiso kufanele singeniswe enhliziyweni yomunye nomunye wethu; Sizofinyelela ekhaya lapho “impisi iyakudla ndawonye newundlu, ingonyama idle utshani njengenkomo “(Isaya 65:25). Lelokhaya lizoba kude nazinto zonke namuhla ezibanga usizi nokungalondeki, lapho “Azesule izinyembezi emehlweni abo; ukufa akusayi kubakhona; nokudabuka, nokukhala, nobuhlungu, akuyi kubakhona” (Isambulo 21:4).

Kodwa isithembiso esilandelayo sikhulu ngokufanayo nesokuqala: “Nanxa ngiya nginilungisela indawo, ngobuye ngize, nginibuyisele kimi ukuba lapho ngikhona nibe-khona nani” (Johane 14:3). “Ngizobuya futhi” bekuyikhambi abafundi ababekudinga ngaleso sikhathi. Babengazi izilingo ezazibalindele, kodwa kusukela ngaleso sikhathiizoba ingqikithi

yokunaka imvuselelo yokuhamba ukushumayela ngokubuya Kwakhe, futhi balwele ukwenza uJesu Kristu kwaziiwe ezizweni zonke, izizwe izilimi, nabantu.

UKWENYUKA NOKUBUYA KWAKHE

Izinsuku ezingamashumi amane ngasemva kokuvuka Kwakhe, uJesu waholela abafundi Bakhe eNtabeni yeMinqumo, eduze neBethaniya, phambi komuzi waseJerusalema lapho enqatshwa khona futhi wagwetshelwa ukufa. Bekuyisikhathi sokuvalelisa nethuba lokunikeza izeluleko zokugcina kulexuku labesilisa nabesifazane abafanekisa imvu edukile ethe yatholakala. Amazwi kaJesu ayengasoli iziphambeko zabo noma ukwehluleka kwabo, kwakungamazwi anesisa esikhulu kanye nozwelo.

“Ngezandla ezilulelwe ukubusisa, futhi kungathi ziqinisekisa ukuvikela Kwakhe okunakayo, kancane wenyuka esuka phakathi kwabo, enyuselwa ezulwini ngamandla anoba yikuphi okukhangayo kwasemhlabeni. Njengoba enyukela phezulu, ukwesaba kwafikela abafundi lapho bebheka ngamehlo asindayo umbono wokugcina weNkosi yabo yenyuselwa ezulwini. Ifu lenkazimulo lamsibekela phambi kwabo; amazwi ezwakala kubo njengenqola yamafu ezingelosi zimhlangabeza, ‘Bhekani, mina nginani izinsuku zonke kuze kube sekupheleni kwezwe.’ Ngaleso sikhathi kwehlela kubo umculo omnandi nojabulisayo uvela kwikwaya lezingelosi.” 2

Ngaleso sikhathi izingelosi ezimbili ezinamandla ngesimo sabantu, ngozwelo nangothando kubafundi ababheke ezulwini, yasondela yababuza: “Madoda aseGalile, nimeleni nibheke ezulwini? UJesu lo, osuswe kini enyuselwa ezulwini, uyakuza kanjalo, njengalokhu nimbonile eya ezulwini” (Izenzo 1:11). Lona ngumyalezo wethemba lokuthi uJesu abatshela lona ngaphambili, “Kepha nxa iNdodana yomuntu iza ngenkazimulo yayo nezingelosi zonke ezingcwele Kanye nayo, khona izakuhlala esihlalweni sayo senkazimulo” (Mathewu 25:31). Lesi isambulo esifanayo esatholwa nguJohane esiqhingini sasePatmose “Bhekani, uyeza namafu, namehlo onke ayakumbona, nabo abamgwazayo, nezizwe zonke zomhlaba ziyakulila ngaye. Yebo, Amen” (Isambulo 1:7). Izingilosi zabaqinisekisa ukuthi uJesu lo abambonile enyukela ezulwini uyakuza kanjalo njengalokhu nimbonile eya ezulwini. Ngempela, uzakuza ngamafu, futhi onke amehlo azakumbona.

IZIBONAKALISO ZOKUZA KWAKHE

Ukuqonda kabanzi isikhathi sokuphela yilokho okwathathekisa abafundi’ ukubheka-kufanele kusithathekise nathi ngokufanayo. Beza kuJesu ngasese bambuza: Sitshele, ukuthi lokhu kuyakuba nini? Nesibonakaliso sokuza kwakho nesokuphela kwezwe siyakuba yini-na?” (Mathewu 24:3).

Ezindaweni lapho kukhona isayensi yemisebenzi ethile ethuthukisiwe kakhulu nohambo lwenziwa ngezindlela zesimanje zokuthutha, sinaka kakhulu izimpawu zetilosi yesethalayithi noma amadivayisi eGPS asinika wona, mayelana nebanga elisele lokuya endaweni noma izinguquko ezingenzeka emzileni okhethiwe. Izimpawu eziseduze komgwaqo nazo ziyasisiza. Iziprofetho zeBhayibheli zifana neGPS esitshela ukuthi sikuphi ngesikhathi ukuze sizilungiselele futhi siqondiswe ngokuphepha lapho siya khona.

INKOHLISO

“UJesu waphendula wathi kubo, qaphelani ningadukiswa muntu. Ngokuba kuyakuza abaningi ngegama lam, bathi: Mina nginguKristu, badukise abaningi” (Mathewu 24:4, 5). Kungani uKristu aletha lokhu njengophawu lokuqala ngaphambi kokuphela? Impendulo inikezwa ngumpostoli uPeter. “Qondani nilinde. Isitha senu, uSathane siyahamba njengebhubesi elibhodlayo sifuna esingamgwinya” (1 Peter 5:8). Bazalwane nodade abathandekayo, uSathane naye uyazazi iziprofetho zeBhayibheli futhi uyazi ukuthi ukuza kukaKristu ukuqeda umbuso wakhe wovalo. Yingakho indlela yenkohliso enkulu nesigungu sobuqili-njengebhubesi elilinde isilo salo ngaphambi kokusihlasela-ungenisa izimfundiso zamanga zihlanganiswe nenxenye yeqiniso ukwenza amakholwa awele kwizicupho zakhe. Ukwanda kwamaIslam, Buddhism, agnosticicm, nangemisinga yamafilosofi emhlabeni wonke ithe yahlanekezela indlela abantu ababona ngayo isimilo seNkosi okuphela Kwakhe weqiniso, uMdali wezulu nomhlaba, futhi ibaqhelise kude kumthombo kuphela weqiniso lolwazi, iBhayibheli.

Ukulondeka kwethu kweyame kuphela ekufundeni iMibhalo Engcwele nangokukhuleka kakhulu ngokuzinikela. Yiyona kuphela into engasiphephisa ekumelaneni nokuduka. Uma senze njalo, singaba nakho ukuqinisa sithi “Emthethweni-ke nasebufakazini! Impela lelizwi abalikhulumayo alinakho ukusa” (Isaya 8:20). Ngokufunda njalo imibhalo sizokwazi ukugcina ezingqondweni zethu ingcebo ezokwenza siqiniseke: “Kulotshiwe.” Kodwa nasi isixwayiso: ukuthuthuka kwesayensi ngokuvamile kwenza ukuthi amakholwa ayeke ukufunda njengosiko amakhasi eBhayibheli. Ngakolunye uhlangothi, kwenziwe kwabalula kithi ukuphatha njalo izincwadi eziphelele, izifundo, amaculo, nokunye. Ngamadivayisi okuxhumana kolunye uhlangothi, ngophawu oluncane lwesigijimi esifinyelela kithi noma umzuzu omncane wokulibazisa, siyeka ukufunda futhi izingqondo zethu ngokushesha ziguqukela kwezinye izinto kaningi ezingenamsebenzi ngalesosikhathi. Ngokunethezeka okukhulu futhi nangalendlela, uSathane uyaphumelela izikhathi eziningi ukuhlukanisa amakholwa ukufundeni iqiniso.

IZIMPI, IZIFO EZINGUMA-SHAYABHUQE, INDLALA, UKUZAMAZAMA KOMHLABA

UJesu waxwayisa abafundi Bakhe: Niyakuzwa izimpi namahemuhemu ezimpi. Bhekani ningethuki, ngokuba kumelwe ukuba kwenzeke, kepha ukuphela koba kungakafiki. Ngokuba isizwe siyakuvukela isizwe, nombuso uvukele umbuso, kubekhona indlala nokuzamazama komhlaba izindawo ngezindawo” (Mathewu 24:6, 7). Eminyakeni edlule sibe ngofakazi beziyaluyalu zezizwe eziphila kuzo. Kuyilapho wonke umuntu okwamanje ufuna ukuthula, kuye kwaqubuka izimpi ezinkulu ezibulale izinkulungwane emhlabeni wonke. Ukushintshwa kwezinkulungwane zababaleki okubangelwa izimpi nokuntengantenga kwezombangazwe emazweni amaningi kuye kwabayisa ezinhlangothini ezihlukahlukene, kwadala izinkinga zobuntu ngempela lapho ubuhlungu nendlala kubusa khona. Naphezu kwalezi zinto ezesabekayo, isabelomali sabanemali amandla amakhulu abelwa ukuthenga izikhali nezinhlamvu ukuze kuqhutshekwe nezimpi.

Ngakolunye uhlangothi, lapho kwamanye amazwe kukhona ukudla okuningi futhi abantu abaningi bayagula ngenxa yokudla okusheshayo noma okungenamsoco abakudlayo, futhi lapho nsuku zonke izinkulungwane zamathani okudla ziphelela kudodi, kukhona futhi ezinye izindawo lapho izinkulungwan zibulawa indlala. Kunzima ukwamukela ukuthi isentshuri yamashumi amabili nanye (21), ngayoyonke intuthuko yesayensi nokunethezeka nangokushesha izinto ezihanjiswa ngayo. Kukhona izindawo lapho kufa abantu ngenxa yezifo

ezibangelwa ukungaphuzi amanzi ahlanzekile noma ubuthakathaka ngenxa yokungadli lutho. Izinhlekelele zemvelo ezenzekile ishumi leminyaka edlule nazo ziphakathi kwezibonakaliso uJesu akhuluma ngazo. Njengoba isomiso sibulala izimpilo kwezinye izifunda zomhlaba, izikhukhula ezibangwa izimvula ezinkulu ezingajwayelekile noma izivunguvungu kanye nesiphepho esishiya umonakalo omkhulu nezinkulungwane zezisulu ekuvukeni kwazo. Kuleminyaka kamuva, ukuzamazama komhlaba okunamandla okwenzeka ezindaweni ezahlukene futhi kudlangile ngamandla, futhi nasebuningini bezisulu abazishiya ngemuva.

"Kukangakhi sizwa ngokuzamazama komhlaba neziphepho, ukubhujiswa ngomlilo nezikhukhula, nokulahlekelwa okukhulu kwempilo nempahla. Ngokusobala lezinhlekelele ziqubuka ngamandla angahlelekile, angalawuleki, angaphezu kwamandla omuntu ngokuphelele. Kodwa kukho konke, inhloso kaNkulunkulu mhlawumbe ingafundwa. Baphakathi kwezinhlangano ezizama ngazo ukuvusa abesilisa nabesifazane ukuba babone ingozi yabo." 3 Ososayensi nezazi zefilosofi abafuna izincazelo nezindlela zokuvimbela lezi zehlakalo baye baphetha ngokuthi yonke into ingumphumela wokuguquka kwesimo sezulu nokuthi lokhu kuyimbangela yemvelo esabela ngalendlela. Futhi izinkolelo-mbono zabantu ziphambukisa izindlebe zabantu isizathu sangempela salezi zehlakalalo. Kuyiqiniso ukuthi lemvelo iyahlupheka futhi iguqulwa yizenzo ezimbi zabantu, kodwa akumele futhi singayishayi indiva ukuthi lezi izibonakaliso uJesu ayekhuluma ngazo. Noma singayinaki imiphumela eyotholwa yilabo ababhubhisa umhlaba bazohlupheka. "Nezizwe zazinolaka, kepha kwafika ulaka lwakho, ngesikhathi sokwahlulelwa kwabafileyo, nokunika umvuzo izinceku zakho, abaprofethi nabangcwele nabesabayo igama lakho, abancane nabakhulu, nokubhubhisa abachitha umhlaba" (Isambulo 11:18). Umsebenzi omkhulu wokudala uthe waqothulwa, nalabo abanokuziphendulela ukwehla kwawo bazojeziswa.

Ingabe lezehlakalo izibonakaliso uJesu azisho kubafundi Bakhe ezizosebenza njengokuhola ukuthi bakwazi ukuhlukanisa izikhathi-na? Yebo zinjalo. Njengoba abafundi bambuza, ukuphela kwezwe kuzoba nini-na? Asikwazi ukumisa usuku, singachaza kuphela izehlakalo bese siqonda ukuthi asikho isikhathi esisele kumhlaba wethu nabakhileyo kuwo. "Kepha lelosuku nalelohora akakho owazi lutho ngalo nazingelosi zasezulwini, naNdodana, nguBaba kuphela."(Mathewu 24:36).

IMBALI IYAZIPHINDA-PHINDA

UJesu wakhomba phambili ukuthi isikhathi sokuphela sizofana nesikhathi esandulela uZamcolo. "Ngokuba njengasemihleni kaNowa, kuyakuba njalo ukufika kweNdodana yomuntu. Ngokuba njengasezinsukwini lezo ezandulela uzamcolo babedla, bephuza, beganwa, bendiswa, kwaze kwafika usuku uNowa angina ngalo emkhunjini, abazanga kwaze kwafika uzamcolo wabakhukhula bonke, kuyakuba njalo ukufika kweNdodana yomuntu" (Mathewu 24:37-39).

Ukudla, ukuphuza, noma ukugana akuzona izinto ezingekho emthethweni. Kuyini okwenza ukuba zenyanyeke kuNkulunkulu ukwenza ngokudlulele umuntu azamukela ngayo. Izifo eziningi ezivamile namuhla isizathu esikhulu kungenxa yokudla kabi nemikhuba yokuphuza, indlela yokuphila engenzi lutho, futhi ukusetshenziswa kwazo nezinye izinto eziyingozi ezilimaza impilo. Ukuchayeka isikhathi eside kwizidakamizwa ezinobuthi njengalazo ezitholakala emadolobheni amakhulu noma ukusetshenziswa kogwayi nezidakamizwa akudali kuphela imbangela yezifo eziningi, kodwa futhi nokuguqulwa kofuzo oludala izifo eziwohlokayo noma ezizimele. Indaba eyenzeka eSodoma neGomora, kanye nokwahlangana nakho kwabantu bakwaIsrayeli eShithimi phambi kwezwe lesithembiso. Kuyisixwayiso

esalotshwa ukuze sisifundise ukuthi inkanuko engalawuleki yenza abantu benze phambi kukaNkulunkulu izenzo ezinengekayo nezimbi kakhulu esizenza phambi kukaNkulunkulu singacabangi. Kuyo yonke leminyaka balokhu besaphazekile izimilo zabo ziboshelwe emadwaleni okuzitika ngenkanuko. Njengoba sisondela ekupheleni kwesikhathi, njengoba abantu bakaNkulunkulu bemi emingceleni yeKanana lasezulwini, uSathane, njengakudala, uzophinda kabili imizamo yakhe yokubavimba ukuba bangangeni ezweni elihle. Ubekela yonke imiphefumulo izihibe zakhe. Akubona abangenalwazi nabangenamasiko kuphela okudingeka bagadwe; uzolungisa izilingo zakhe kulabo abasezikhundleni eziphakeme, emisebenzini yezikhundla ezingcwele kakhulu; uma angabaholela ukungcolisa imiphefumulo yabo, futhi ngabo angabhubhisa abaningi. Futhi usebenzisa izithunywa ezifanayo manje azisbenzisa iminyaka eyizinkulungwane ezintathu edlule. Ngobungane nabelizwe, ngokuthatheka kobuhle, ngokufuna injabulo, ukuzitika ngokudla, noma indebe yewayini, ubalinga ngokwephula umthetho wesikhombisa.” 4

UKUSHESHISA UKUZA KWAKHE

“Kuyilungelo lomKrestu ngamunye angabheki kuphela ukuza kweNkosi yethu uJesu Kristu” (2 Peter 3:12, umsikelo). Ukuba bonke abazibiza ngegama Lakhe bebethela izithelo zenkazimulo Yakhe. Ukuthi umhlaba wonke ubuzohlanyelwa ngokushesha kangakanani imbewu yevangeli. Ngokushaesha isivuno sokugcina besizovuthwa, futhi uKristu ubezofika ukubutha amabele ayigugu.” 5

Kuyilungelo lethu ukukhuluma ngethemba elibusisekile ukuthi ukubuya kukaJesu Kristu. Kuyilungelo lethu ukwenza umsebenzi ofanayo wemvuselelo yokuthi uJohane uMbhapathizi walungisa indlela yokuza kweNkosi okokuqala. “Isihloko esikhulu semvuselelo kumele uzamazame, nezingqondo zabantu kufanele zivuswe. Ukuzithiba ezintweni zonke kufanele kuhlanganiswe esigijimi, ukuguqula abantu bakaNkulunkulu ekukhonzeni kwabo izithombe, ukuminza kwabo, futhi nokusaphaza kwabo ngezambatho nezinye izinto.” 6

Manje kuyisikhathi sokwenza inguquko ekuphileni kwethu, uma ukulalela kwethu imithetho kaNkulunkulu kwembula ukuthi simthanda ngokweqiniso. Asikho isikhathi esingasilahlekela. Kufanele sinqume ukuvala iminyango ezintweni ezingafanekisi isimilo sabantu abalungiselela ukuguqulelwa kwizigodlo zasezulwini. Izenzo zethu kufanele zibonise ukuthi “amazwi ethu awasezulwini; lapho futhi silindele khona ukuba kuvele uMsindisi, iNkosi uJesu Kristu” (Filiphu 3:20).

UKULUNGISELELA KWETHU

“INkosi ayilibali ngesithembiso sayo, njengalokhu abanye bathi kugulibala kepha iyanibekezelela, ingathandi ukuba kubhubhe namunye, kodwa ukuba bonke beze ekuphendukeni” (2 Peter 3:9). “**Inhloso eyodwa yomusa ukuthokozela namuhla ukuthi siwusebenzisele ukungcweliswa nokulungiselela usuku olukhulu lokuza kukaKristu.”** Usuka ngalunye oludlulayo usuku olulodwa ekubaleni okwehlayo ukuya ekupheleni. Uma uJesu angakabuyi kungenxa yokuthi usinika isikhathi sonke siguquke futhi sithole ukupheduka namava ajulile, inguquko yangempela ekuphileni kwethu.

Ukuhlengwa kwethu kwenziwa ngegazi eliyigugu likaKristu, iWundlu elingenabala elingenasisihla (1 Peter 18, 19) ukufinyelela kulezozindlu “Lokhu iso elingakubonanga, nendlebe engakuzwanga, okungavelanga enhliziyweni yamuntu, uNkulunkulu akulungisela

abamthandayo” (1 Korinte 2:9). Ungavumi ukuthathekiswa komhlaba osinika wona, imikhosi namasiko, imfashini noma imihlobiso engenasidingo, ukudla okungenampilo noma iziphuzo noma ukuthanda imali nemfuyo yomhlaba kusihlukanise nesigijimi esiyigugu sokuza kweNkosi nokuthi manje isikhathi sokulungiselela!

ISIPHETHO

Umusa uNkulunkulu ungasisiza silungiselele ukuza Kwakhe. Ngumsebenzi kuphela woMoya Ongcwele onganelisa kubizo lokuphenduka nokuguquka. Kungathi umkhuleko wethu nsuku zonke ungathi “umbuso wakho mawufike.” Kwangathi ithemba elibusisiwe elinjengesibane esikhanyisa uhambo lwethu olungcwelekulelizwe elimnyama eligcwele ububi nokuhlupheka. Sengathi inhloso yethu ibe nguqhubekela phambili sijonge emgomeni, emklomelweni wokubizwa okukhulu (Filiphu 3:14). Ukufanekisa uJesu usuku nosuku ngesenzo ngasinye. Kwangathi ukukhonza kwethu kungabamhlophe okungenabala (Jakobe 1:27) ube ngumphumela kaKristu kithina.

“Uma isimilo sikaKristu sizovezwa ngokuphelele ebantwini Bakhe, yilapho ezokuza ukubiza okungoKwakhe.” Maranatha, yebo ngiyeza masinyane! Esho: Amen, Woza, Nkosi Jesu” (Isambulo 22:20). Amen.

Okuphathelene

1. *The Great Controversy,* p. 299.
2. *The Desire of Ages*, pp. 830, 831.
3. *Prophets and Kings*, p. 277.
4. *Patriachs and Prophets,* pp. 457, 458.
5. *Christ’s Object Lessons,* p. 69.
6. *Testimonies for the Church,* vol. 3, p. 62.
7. *Christ’s Object Lessons,* p. 69.

NgeSonto, Zibandlela 15, 2024

UMBUSO WENKAZIMULO

NGU ROMULO BORGES - BRAZIL

Njengoba siphetha iViki Lomkhuleko, kuba sengathi sisonga uhambo lwethu olugcwele okufihlakele nalokhu esikutholile. Esiqondisa ukususka kwesinye isambulo ukuya kwesinye, iMibhalo ithe yasebenza njengekhampasi. Ngokwakha phezu kombhalo otholakala kwiZenzo 3:19 no 20, sithe sahlola izihloko ezigqamile zokuphenduka nokuguquka, ukuhlangulwa kwezono, izikhathi zokuhlunyelelwa, nokuza kukaJesu. Manje, kulomhlangano wokugcina, sizocubungulula 'Umbuso weNkazimulo."

Lombuso akuwona umbuso ojwayelekile, ozungezwe imingcele yasemhlabeni noma isikhathi somuntu; iphakade loqobo, ubanzi futhi unesithunzi njengezulu nomhlaba ngokwalo, ihange eliqinile ukulunga kweNkosi yethu uJesu Kristu. Njengendlu yesibani olwandle emelana nokuvivinya kwesikhathi neziphepho, lombuso uchazwa kuDaniyeli 2:44: "Ezinsukwini zalawomakhosi uNkulunkulu wasezulwini uyakumisa umbuso ongasoze wachithwa nobukhosi bawo bungayi kushiyelwa kwabanye abantu, kepha uyakuchoboza, uqede yonke lemibuso, wona uqobo ume ingunaphakade."

Ngakho-ke, ngiyakumema ukuba sicubungule ndawonye izithembiso eziphakade zalombuso wenkazimulo.

UMBUSO WOMUSA NOMBUSO WENKAZIMULO

IMibhalo Engcwele igcizelela ukubonakala koMbuso kaNkulunkulu izigaba ezimbili ngokusobala:

(1) umbuso womusa
(2) Nombuso wenkazimulo.

Inkazimulo angeke yabakhona ngaphandle kwesibonakaliso esandulela umusa; ngakho-ke, kubalulekile ukuhlanganyela kuqala kumbuso womusa ukuze ungene embusweni wenkazimulo.

Ngesikhathi uJesu eqala umsebenzi Wakhe eGalile, wamemezela ukufika kombuso kaNkulunkulu ngalamazwi: "Isikhathi sigcwalisekile"umbuso kaNkulunkulu ususondele; phendukani nikholwe yivangeli" (Marako 1:15).

Lapho uJesu ehamba phakathi kweGalile, efundisa futhi ephilisa, iquqaba lwabantu leza Kuye bevela emadolobheni nasemaphandleni….asikaze sibekhona isikhathi esifana nalesi emhlabeni. Izulu lehliselwe kubantu. Imiphefumulo elambile neyomile eyayilinde isikhathi eside ukuhlengwa kuka-Israyeli manje yazitika ngomusa woMsindisi onesihe." 1

Umbuso womusa, wamenyezelwa nguJesu, wafinyelela kumvutho-ndaba wayo esiphambanweni saseKhalvari, lapho ethatha indawo yethu futhi wafa njengombambeli ukuze asihlenge ekulahlweni yisono. Ngamalungiselelo omusa Wakhe, uluntu lwafumana

ukuthethelelwa kwezono, nokubuyisana noNkulunkulu, nensindiso ephelele. Njengoba kulotshiwe ku-Efesu 2:8, “Ngokuba nisindisiwe ngomusa ngokukholwa, nalokhu akuveli kimi, kuyisipho sikaNkulunkulu.”

UJesu wafundisa nangokuza kombuso kaNkulunkulu esikhathini esizayo ekufikeni Kwakhe kwesibili. Phakathi kwezimfundiso Zakhe ezihlukahlukene, sigqmisa lokhu uMathewwu 25:31-34 akushoyo kulomongo wendaba:

> “Lapho iNdodana yomuntu iza ngenkazimulo Yayo, nezingelosi zonke ezingcwele zikanye Naye, uzohlala esihlalweni senkazimulo Yakhe: Kuzakubuthelwa phambi kwayo izizwe zonke, ibahlukanise abanye kwabanye, njengomalusi ehlukanisa izimvu nezimbuzi, imise izimvu ngakwesokunene sayo kepha izimbuzi ngakwesokhohlo. Khona-ke iNkosi izakuthi kwabangakwesokunene sayo: Zanini-nina enibusisiwe nguBaba, nidle ifa lombuso eniwulungiselweyo selokhu kwasekelwa umhlaba.”
>
> “Njengoba isigijimi sokubonakala kokuqala kukaKristu simemezela umbuso womusa Wakhe, kanjalo isigijimi sokubonakala Kwakhe kwesibili simemezela umbuso wenkazimulo Yakhe. Isigijimi sesibili, njengaleso sokuqala, sisekelwe phezu kweziprofetho.” 2
>
> Igama elithi “umbuso” encwadini kaMathewu, uma libhekiswa kumbuso wenkazimulo, lisetshenziswa nguJesu njengelichaza ukuthi kuzokwenzekani ekupheleni kwesikhathi uma emisa umbuso kaNkulunkulu yonke indawo. Noma lesehlakalo kungesesikhathi esizayo, isithembiso esithi iNkosi iyeza siyiqiniso. Njengoba Yena uqobo wasikhuluma:
>
> “Inhliziyo yenu mayingakhathazeki, Kholwani nguNkulunkulu nikholwe nayimi. Ekhaya likaBaba kukhona izindlu eziningi; uma bekungenjalo, bengiyakunitshela ukuthi ngiya ukunilungisela indawo. Nanxa ngiya nginilungisela indawo, ngobuya ngize, nginibuyisele kimi ukuba lapho ngikhona nibekhona-nani” (Johane 14:1-3).
>
> Ngokusekelwe kulezi zambulo eziyigugu, amaKrestu awaphili njenkuphela esiqinisekweni sokuhlengwa esikhathini samanje kodwa futhi ethembeni lokuhlengwa kokugcina embusweni wenkazimulo.

UKUKHAZIMULISWA KWENZA IZIKHONZI ZIKWAZI UKUPHILA EMBUSWENI WENKAZIMULO

Ukukhazimuliswa ukuthinta okungcwele okuguqula isidalwa somuntu, kusikhulule kumphumela wesono kusenze singabe sisabola. Bheka kwabase 1 Korinte 15:51, 52 eqinisa.

“Bheka, ngiyanitshela imfihlakalo; Asiyi kulala sonke, kepha siyakuguqulwa sonke, ngesikhashanyana, ngokuphazima kweso, ngecilongo lokugcina; ngokuba icilongo liyakukhala Abafileyo bavuswe bengenakubola, thina siguqulwe.”

Umzimba wamanje wekholwa kuKristu namuhla awuyifanele impilo yasezulwini, njengoba uyafa, wonakele, futhi ubuthakathaka. Noma okholwayo ethokozela ngokugcwele uMoya ekuphileni kwakhe, umzimba wakhe usathwele uphawu lokufa. Ngakho-ke, ngecilingo lokugcina, okuzokwenzeka ekubuyeni kwesibili kukaKristu, uKristu uzobanika imizimba emisha.

Lomzimba omusha angeke usabola, ukhazimule, ukhululeke esonweni, futhi ungafi, ulungiselwe ukuphila okuphakade. Umzimba wemvelo woMkrestu uzoguqulelwa emzimbeni wesimoya okwaziyo ukumelana nenkazimulo kaNkulunkulu futhi ulungele ukuguqulwa.

UNkulunkulu uzodlulisela ukuthinta okungcwele kwenguquko kuwo wonke umuntu osindisiwe, kwabangcwele abavusiwe nabathembekile abangazange bakubone ukufa. Incwadi i-*The Great Controversy* igcizelela ngokuphelele lomcabango:

"Uzoguqula imizimba yethu emibi ayilungise ifane nomzimba Wakhe okhazimulayo. Okufayo, isimo esonakele, esiswela ubuhle, ngaphambili wangcoliswa isono, ube ngophelele, omuhle, futhi ongafi." 3

Bonke bazopheleliswa! Lenguquko izothinta isimo somzimba womuntu kodwa ulondoloze ubunjalo bomuntu ngamunye, okuvumela abahlengiweyoukuba babonane.

"Ubunjalo bomuntu buyagcinwa ekuvusweni kwabafileyo….amachaphazelo okugcina esiqalekiso sesono azosuswa, futhi abathembekile kuKristu bazobonakala 'ebuhleni beNkosi uNkulunkulu wethu, engqondweni nasemphefumulweni nasemzimbeni bebonakalisa umfanekiso ophelele weNkosi yabo." 4

IZIMPAWU ZOMBUSO WENKAZIMULO

Uma sikhuluma ngombuso wenkazimulo, sicabanga ngeParadesi likaNkulunkulu, uMhlaba Omusha, namazulu amasha. Nokho, kubalulekile ukuvuma ukuthi amazwi ethu obuntu awanele ukuchaza inkazimulo yasezulwini. Zonke izinsiza zamazwi ziyasilela ukufanekisa kahle iParadesi likaNkulunkulu. Page 675 *The Great Controversy* igcizelela lomgomo:

"Ulwimi lwabantu alwanele ukuchaza umvuzo wabalungileyo. Kuzokwaziwa yilabo kuphela abakubonayo. Akukho ngqondo elinganiselwe engaqonda inkazimulo yeParadesi kaNkulunkulu."

Ngaphandle komlinganiselo wolwimi lomuntu, singathola inkuthazo evela emazwini esiprofetho bese sivumela imibono yethu isiholele kwiparadesi elingcwele. Kwizambulo ezivela encwadini yeSambulo, umpostoli uJohane wabusiseka ukuthola ukusikisela okuncane kwenkazimulo yasezulwini yombuso kaNkulunkulu ongunaphakade. Ukugcizelela kwakhe kwencike encwadini yeSambulo 21:1-5, ethi:

"Ngase ngibona izulu-elisha nomhlaba omusha; ngokuba izulu lokuqala nomhlaba wokuqala kudlulile, nolwandle alusekho. Futhi mina Johane ngabona umuzi ongcwele, iJerusalema Elisha, wehla uvela ezulwini kuNkulunkulu, ulungisiwe njengomlobokazi ohlotshiselwe umyeni wakhe. Ngase ngizwa izwi elikhulu livela esihlalweni sobukhona lithi: Bheka, itabanakele* likaNkulunkulu likubantu; uyakuhlala nabo, babe-ngabantu bakhe, yena uNkulunkulu abe-nabo. Azesule izinyembezi zonke emehlweni abo; ukufa akusayikuba-khona; nokudabuka, nokukhala, nobuhlungu, akusayikuba-khona; ngokuba okokuqala kudlulile. Wayesethi ohlezi esihlalweni sobukhosi: Bheka, ngenza konke kube-kusha, Wathi: Loba, ngokuba lawamazwi athembekile, aqinisekile."

UMHLABA OWENZIWE BUSHA NE-JERULEMA LASEZULWINI

Amazwi akhulunywayo "Umhlaba Omusha" asho indalo entsha. Iplanethi isono esayithinta ngokujulile okukhulu izobhujiswa, ishiswe amalangabi okwahlulela okungcwele. USathane, izingelosi zakhe, nabo bonke ababi bazobhujiswa ngokuphelele njengoba uMalaki 4:1 esitshela:

“Ngokuba bheka, luyeza usuku, luvutha njengeziko; bonke abaziqhenyayo nabo bonke abenza okubi bayakuba-ngamabibi; luyakubashisa lolosuku oluzayo, usho uJehova-Sebawothi, lungabashiyeli-mpande nagatsha.”

Ngokubhujiswa komshosholozi wesono nokuhlanzwa kweplaneti, inkazimulo yase-Edeni izobuyiselwa. Indalo izovumelana izovumelana noMdali, futhi iJerusalema Elisha lizoba inhloko-dolobha yomhlaba.

INKAZIMULO YEJERUSALEMA ELISHA

Incazelo ngeJerusalema Elisha liyasishukumisa ngobuhle bayo obucwazimulayo. Lizokhanya ngenkazimulo kaNkulunkulu ekhanya njengetshe elinenani elikhulu, sengathi yitshe nejaspi, nangokukhanya kwekristali. (Bheka Isambulo 21:10, 11).

ITABANAKELI LIKA-NKULUNKULU LIKUBANTU

INkosi izobakhona phakathi kwabantu Bayo. UNkulunkulu uzokhetha ukuhlala phakathi kwalabo abahlengileyo, manje abangabantwana Bakhe ingunaphakade. Bazothokozela njalo ubukhona Bakhe nokukhanya Kwakhe. UKristu, Lowo obahlengile, uzokuma ohlangothini lwabo. Abasindisiwe bazoba nelungelo lokukhonza noNkulunkulu ubuso nobuso ingunaphakade. ITabanakeli likaNkulunkulu likubantu, eqinisa ubuhlobo nobungani obuthandekayo phakathi kukaNkulunkulu nabahlengiweyo.

“Abantu bakaNkulunkulu banethuba lobudlelwano obusobala noBaba neNdodana. ‘Ngokuba manje sibona esibukweni kalufifi.’ I Korinte 13:12. Sibona umfanekiso kaNkulunkulu kithi, njengasesibukweni, ngemisebenzi yemvelo nabgezenzo Zakhe kubantu; kanjalo sizombona ubuso ngobuso, ngaphandle kweveyili elifiphele ngaphakathi.”

UKUDABUKA AKUSEKHO NOKUKHALA

Uprofethi, uJohane wasePatmose, uchaza isimo senjabulo nekuthokoza yaphakade eparadesi likaNkulunkulu;

“Azesule izinyembezi emehlweni abo” (Isambulo 21:4).

Emhlabeni Omusha, umbuso wenkazimulo uzoba ikhaya eliphakade labahlengiweyo, lapho kungekho ukukhala, njengoba zonke izizathu ezibangela ukudabuka nokukhala ziyoba yizinto zesikhathi esidlule.

“Abahlengiweyo bakaJehova bayakubuya baye eSiyoni ngokwethaba, intokozo engunaphakade ibe-phezu kwamakhanda abo: bayakuthola injabulo nokuthokoza, kubaleke usizi nokubulala” (Isaya 35:10).

UKUGULA AKUSEKHO

Emhlabeni Omusha, ukugula angeke kusaba-khona. Angeke sibekhona isidingo sezibhedlela, odokotela, noma amakhambi okwelapha. Yonke imiphumela yesono izobe isusiwe, futhi akukho muntu ozothi, “ngiyagula!”

Abakhe khona abayikusho ukuthi: Ngiyagula; abantu abahlala khona bayakuthethelelwa ububi babo” (Isaya 33:24).

“Khona amehlo ezimpumputhe ayakuvulwa, zivuleke izindlebe zabo. Khona unyonga luyakutshekula njengendluzele, nolimi lwesimungulu luyakuhuba, ngokuba ehlane kuyakubhobhoka amanzi, nemifudlana kwahlongasibi” (Isaya 35:5, 6).

UKUFA AKUSAYIKUBA-KHONA NOMA UHIDE LWEMINGCWABO

Impilo yasemhlabeni, ukufa kuqeda izindaba eziningi ezijabulisayo. Emhlabeni Omusha, ukufa akusayi-kubakhona, uhide lwemingcwabo, noma amathuna.

“Uyakugwinya ukufa kuze kube-phakade, iNkosi uJehova iyakwesula izinyembezi ebusweni bonke, isuse amahloni abantu bakhe emhlabeni wonke, ngokuba uJehova ukhulumile” Isaya 25:8). Nalokhu okufayo sekwembethe ukungafi, bazomemeza bathi, “Ukufa kugingiwe kwaba ngukunqoba” (1 Korinte 15:54).

UKUKHULA EMBUSWENI WENKAZIMULO

EMhlabeni Omusha, abahlengiweyo bazohlola izimangaliso zothando lukaNkulunkulu futhi baqhubeke ukufunda bengakhathali ukuqonda kabanzi amandla adalayo kaNkulunkulu.

“Lapho, izingqondo ezifayo zicabanga ngenjabulo engahluleki izimangaliso zamandla adalayo, izimfihlakalo zothando oluhlengayo. Angeke kwabakhona isitha esinonya, esidukisayo ukulinga ukuba bakhohlwe nguNkulunkulu. Konke ukuhlanipha kuzokhuliswa. Ukufuna ulwazi akusoze kwakhathaza ingqondo noma iqede amandla. Umsebenzi umkhulu lapho uzoqhubekela phambili, umgomo ophakeme uzofinyelelwa, izifiso eziphakeme kakhulu zizofezeka, futhi kuzovela izindawo eziphakeme ezintsha okufanele kudlulwe kuzo, izimangaliso ezintsha okufanele zituswe, amaqiniso amasha okufanele aqondwe, izinto ezintsha ezibiza amandla engqondo nomphefumulo nomzimba.

“Yonke ingcebo yezulu nomhlabo izovulelwa abahlengiwe ukufunda ngoNkulunkulu. Bengaboshwanga ukufa, ngamaphiko bazondiza bengakhathali ukuya emazweni akude-imihlaba evukwa amadlingozi ngosizi ngombukiso wosizi lomuntu bazwakala futhi bahlabelela ingoma yentokozo yezindaba zomphefumulo ohlengiwe. Ngentokozo engachazeki abantwana belizwe bangena ekujabuleni nasekuhlakanipheni kwezidalwa ezingawelanga esonweni. Babelana ngengcebo yolwazi nokuqonda abakuzuzile ngezikhathi zonke becabanga ngomsebenzi kaNkulunkulu. Ngombono okhanyayo babheke indalo yenkazimulo-ilanga nezinkanyezi kanye nokuhamba kwazo, zonke ngohlelo lwazo olumisiwe zizungeza isihlalo sobukhosi sikaNkulunkulu. Phezu kwezinto zonke, kusukela kwezincane ukuya kwezinkulu, igama loMdali lilotshiwe, futhi konke kuyingcebo yamandla Akhe abonakaliswayo.

“Neminyaka engapheli, njengoba ihamba, izoletha ingcebo nenkazimulo enkulu yezambulo zikaNkulunkulu nekaKristu. Njengoba ulwazi luqhubekela phambili, kanjalo nothando, inhlonipho, nenjabulo iyakhula. Njengoba abantu beqhubeka ukufunda ngoNkulunkulu, kuzokhula nokudumisa kwabo isimilo Sakhe. Njengoba uJesu embula phambi kwabo ingcebo yensindiso nezuzo emangalisayo kwimpikiswano enkulu noSathane, izinhliziyo zabahlengiweyo zavuka amadlingozi zanamathela ngokushiseka okukhulu, nangokuthaba okukhulu kwenjabulo bese beshaya amahabhu egolide; izinkulungwane eziyishumi eziphindwe ngezinkulungwane zamaphimbo zihlanganyele ngamandla engomeni yokudumisa.” 6

Ukubuya kwesono angeke kwasongela ukukhula kumbuso wenkazimulo, futhi angeke kwabakhona umlingi noma ingozi yobubi. Futhi, awukho umuthi wokwazi okuhle nokubi ozonikeza ithuba lesilingo. Izulu nomhlaba kwafakazela uhlubuko lukaSathane labona umphumela wakho. Ukwahlulela okungcwele kwamiswa, futhi wonke umbuso omkhulu kaNkulunkulu uzomemeza:

“Iyamangalisa imisebenzi Yakho, Nkosi Nkulunkulu, uMninimandla Onke.

Ngempela, kuzobakhona kuphela inkumbulo yomshikashika phakathi kokuhle nokububi. Noma ukuhlupheka, ubuhlungu, nezilingo zoMhlaba seziphelile, abantu bakaNkulunkulu bazohlala benokuhlakanipha okukhanyayo lokuqonda inani lensindiso yabo. UKristu uzohlala ethwele emzimbeni Wakhe amabala okuhlenga. Eminyakeni engamakhulukhulu angapheli ingunaphakade, lezimpawu zizothwala ubufakazi bothando olukhulu lukaNkulunkulu nomhlatshelo kaJesu ongenakulinganiswa ukuze asihlenge.

“Ukuthi uMdali wemihlaba yonke, uMabeli wakho konke okudalelwe kona, ukubeka phansi inkazimulo Yakhe azithobise ukusuka kuthando lomuntu oluzothokozisa ukumangala nokubonga izulu nomhlaba. Njengoba izizwe ezisindisiwe zibheka uMhlengi zibheka inkazimulo engunaphakade kaBaba ikhazimulo ebusweni Bakhe; lapho zibheka isihlalo Sakhe, kusukela ephakadeni ukuya ephakadeni, futhi njengoba zinolwazi lokuthi umbuso Wakhe awunaso isiphelo, zizwakalisa ingoma ejabulisayo: ‘Lifanele, lifanele iWundlu elahlatshwa, futhi uzihlengele uNkulunkulu ngeLakhe igazi eliyigugu kakhulu!’” 7

ISIPHETHO

Emva kokuhlola umbuso wenkazimulo kanye nezimangaliso ezingenakulinganiswa, imibuzo ejulile iyavuka: *Obani abazoba nelungelo lokuthokozela injabulo yalombuso-na? Ngubani ozakuba yizindlalifa yalo-na?*

Ngokukhanya kwezambulo ezingcwele, sithola izimpendulo: Labo abamukela futhi abaphila umbuso womusa bazoba yizikhonzi zombuso wenkazimulo. Yilabo abanqoba ubunzima basemhlabeni, kanye nomubi.

“Onqobayo uyakukulidla ifa lalezozinto, futhi ngiyakuba nguNkulunkulu kuye, yena abe yindodana kimi” (Isambulo 21:7).

Laba bathe bakhulumisana noJesu Kristu, uMsindisi, neNkosi yokuphila kwabo. Baguquliwe ngomusa Wakhe ngesikhathi sensindiso.

Bazalwane nabangane abathandekayo, siphila ezikhathini zokugcina zembali yalomhlaba. Masinyane, masinyane kakhulu, sizofakazela ukufika kombuso wenkazimulo futhi sibe nelungelo lokuthokozela injabulo yalo engapheliyo. Ngakho-ke, kufanele senze ngcono amathuba ethu namuhla. Angeke kwabakhona omunye umusa esizonikwa wona esizolungisela ngawo izulu. “**Leli ithuba lethu kuphela lokugcina lokwakha izimilo ezizolungela ikhaya elizayo lelo iNkosi elilungisele bonke abathobela iMithetho Yakhe.” 8**

Isifiso-sami esikhulu ukuthi sime ndawonye njengabanqobi. Angeke sabeka engozini ukulahlekelwa insindiso yethu. Kwangathi iNkosi ingasisiza isibusise ukuze wena name singabelana nombuso wenkazimulo kwiparadesi lasezulwini. Amen!

Okuphathelene

1. *The Desire of Ages,* p. 232.
2. Ibid., p. 234.
3. *The Great Contoversy,* p. 645.
4. *The Faith I Live By,* p. 185.
5. *The Great Contoversy,* p. 676, 677.
6. Ibid., p. 677, 678.
7. Ibid., p. 651, 652.
8. *Last Day Events,* pp. 236, 237.

UMYALEZO

OZOSAKAZWA

NGU BARBARA MONTROSE

Kumhlaba wenkohliso, bangakhi abalizwile
Ivangeli elivela kuNkulunkulu kusukela esikhathini sobusha babo?
Kulotshiwe eMibhalweni ngokusobala kakhulu namuhla;
Ukuthi umyalezo obaluleke kangaka manje-iqiniso lanamuhla!

Uma befundiswa kude naseduze, phezu kwegquma nemihosha,
Ezinhliziyweni kuzwakala inodi lempendulo emnandi;
Njengoba imiphefumulo esebumnyameni isikhathi eside ivuswa ithemba
Ihlukanisa lomyalezo ovela ngokuqondile eNkosini!

Ubizo luza kumuntu ngamunye wethu, ngokujulile emphefumulweni wethu,
Ukuthi manje yisikhathi esidinga ngaso ukuphenduka.
Ukulahla isono nokuyengwa ekwenzeni okuphambukile,
Nokuthembela kuMsindisi owathunyelwa ngomusa.

Ngokubheka kuKristu osilamulelayo,
Lowo bonke okufanele bamlangazelele ngentshiseko,
Umhlatshelo Wakhe ukhanya ngamandla ngenxa yegazi Lakhe:
IDwala eliphakade; kungekho thunzi lokubuyela emuva.

Lomhlaba uzophela masinyane, ngosizi oluzalanayo;
Ngokusobala bonke bayabona ukuthi kukhona okonakele.
Kukhulu kangakanani ukufisa kwethu ngokukholwa njengoba sicabanga
Ukukhulumisana noJesu kanye nenjabulo yasezulwini!

Manje phakathi kwezivunguvungu nendlala evamile,
Izifo nempi ngosizi kanye nobuhlungu,
Mazinikelwe kuJesu, ithemba lethu kufanele lihlume-
Ukuzimisela ngesenzo ngemvula yamuva kaNkulunkulu.

Leqiniso akuwona umcabango; lingumoya nokuphila kwawo;
Ngamandla, liletha enhliziyweni izithelo lapho ligcinwa khona.
Uma konke kukhulunywa futhi kwenziwa, uMsindisi wethu uzokuza-
Uzokuza nomvuzo womuntu ngamunye ngokukhethekile.

Lapho iqiniso kumele lithokozelwe liyahlekwa futhi liyaklolodelwa;
Lowo obhinqayo noweyisa isigijimi manje uyadelela,
Kodwa uma bengalindanga, umusa uzovalwa,
Futhi noJesu, iNkosi ngenkazimulo Yayo izobuya!

Ngakho-ke, manje yithuba lethu lokuphenduka ezonweni zethu;
Manje ithuba lethu lokufinyelela ensimini-
Isivuno sivuthiwe sokuvuna kwemiphefumulo
Umsebenzi kumele wenziwe ngabambalwa abazophawulwa.

Ngokubheka kuJesu, nokuhlala Kuye,
Sizophakama ngaphezu kokonakala konke nombango.
Ngomusa wamandla Akhe, sisebenza esivinini Sakhe,
Ngokukholwa egameni Lakhe nasekuphileni impilo Yakhe!